# INKOMBA

Ningahlala phansi. Ngiyabonga kakhulu, mfowethu, Mfowethu Shores. Kuyi. . .Impela ngicabanga ukuthi lokhu inhlanhla enkulu ukuba lapha kulobubusuku, e. . . kuleFirst Assembly of God, futhi, ukuhlanganyela ngaseZwini likaNkulunkulu, nani bantu abakahle, ukuba noMfowethu Shores oyigugu futhi, futhi—futhi bonke abazalwane esihlangane nabo iviki lonke. Futhi sibe nesikhathi esimnandi ngempela, lamaviki amabili edlule.

2 Angazi njengoba ngike njalo, eminyakeni, ngike ngaba nesikhathi esingcono kunengibe naso kuleliviki, sokuhlanganyela nabazalwane ngakuleMaricopa Valley, yonke indlela kusuka eMesa, ezansi, futhi ezansi kuya eTucson, okuyiJerusalema, kusobala, egqumeni. Futhi siyajabula ukuvakasha nabazalwane bethu lapha eJericho, niyabo, ezansi lapha e. . .ezansi ekugcineni kwegquma. Ngiyacabanga nje ukuthi lokho bekuzohamba kanjani.

3 Futhi ngakho-ke ngenkathi ngangilapha, eminyakeni eminingi eyedlule, kwakulokhu kunokuphikisana phakathi kweTucson nePhoenix. Ngakho-ke, ngakucabanga nje lokho ngolunye usuku, niyazi. Babengigcona ngokubambela iTucson. Futhi ngakho-ke ngacabanga ngakho, awu, kusegqumeni, futhi iJericho isesigodini, niyazi. Ngakho-ke ngacabanga ukuthi lokho nje kuyoba ngokuhle. Awu, sabamba uMnu. Phakathi-nendawo ngaleyonkathi, omunye eza ehla. Sifuna ukusebenza kuye.

4 Manje, kube yisikhathi esihle kakhulu, njengoba ngiphinda, futhi impela sijabule kakhulu kakhulu.

5 Manje, thina kakhu-. . .silindele ngokwethemba okukhulu ngalengqungquthela ezayo eqala kusasa ebusuku. Sibheke isikhathi esikhulu. Futhi kulokhu ngizamile ukubeka, ngendlela yami ethobekile yokukwenza, isisekelo, uhlobo lokuthola ukushukuma phakathi kwabantu, ngemvuselelo ezayo. Futhi manje sinezikhulumi ezimangalisayo ezizayo, kulemvuselelo esiseduze manje. UMfowethu Velmer Gardner, no—nomunye umfowethu weMethodisti ofanele abe yisikhulumi esivelele, futhi khona-ke, okwalokho kusonga kokugcina okukhulu kukho konke, nguMfowethu Oral Roberts oyigugu, ngoMsombuluko ozayo ebusuku. Futhi ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzonikeza abazalwane imilayezo enjalo ezothumela iPhoenix emadolweni ayo, ithuthumela, ngokwesaba uNkulunkulu.

6 Futhi sizame kanzima, kuleliviki, uku—ukubeka isisekelo salokho, sokubonakala masinyane kweNdodana kaNkulunkulu. Futhi ngiyakholwa, futhi kade ngifundisa, ukuthi ngakho konke kungenzeka ukuthi Ubengafika kulesisizukulwane manje,

ngisho kulobubusuku. Asazi nje ukuthi kuzoba nini, kodwa thina sifuna ukulungela kakhulu ukuthi, uma kufika, sizohamba naYe oHlwithweni.

7 Kube yisikhathi esihle kakhulu. Bengikade ngishumayela leMilayezo enamandla mayelana nokuFika kwaKhe, nokuzama ukwendlala o—okunokwenzeka, nehora esiphila kulo manje, nokuthi kanjani yonke into, ngombono wami, umbono wami othobekile, usesimweni nje sokuFika kweNkosi, uHlwitho, into elandelayo. Futhi konke lokho okusilele, kungenzeka ngehora.

8 Ngiyakholwa, eziningi, angazi nje ukuthi ezingaki, kodwa eziningana zeziprofetho ezigqamile eziqondene nokugcwaliseka kokufika kukaMesiya nalokho Azokwenza, kwagcwaliseka emahoreni ayisikhombisa okugcina esiphambanweni. "Babhoboza kanjani uhlangothi lwaMi, nelaMi . . . akukho thambo elephukayo." Futhi—futhi Wamemeza, "Nkulunkulu wami, UNgishiyeleni na?" Futhi iziprofetho ezinkulu, zenzeka nje, esisodwa, ezimbili, ezintathu, ezine, kanjalo nje, ehoreni elilodwa noma amabili, ngokwehlukana.

9 Manje, lokho kungenzeka ngendlela efanayo ekubuyeni kwaKhe. Futhi sifanele sixwaye, silindile.

10 Izolo kusihlwa ngicabange ukuthi sibe nesikhathi esihle ezansi kwi—kwi-Assembly of God eningizimu yalapha. Ngikholwa ukuthi yiSouthside, mhlawumbe, ibizwa, ngeSouthside Assembly. Ngihlangane nomfowethu okahle engingakaze ngihlangane naye phambilini ohambweni, njengoba ngikhumbula, kodwa umfowethu oyigugu neqembu elikahle labantu.

11 Futhi sikhulumile ngakho, lapho izolo ebusuku, uMlayezo wo . . . wokuba naYe endaweni enamanzi ogwadule, indawo, ukukhumbula Yena, konke Akwenzile, uma sihlangana ndawonye, sihlezi sizungeze ezindaweni zaseZulwini kuKristu. Nokukhumbula izinto Azenza, nezinto Athembisa ukuzenza, ukuthi Wethembisa kanjani ukuthi Uyohlangana nathi kanjani. "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laKhe, ukuthi lapho Uzoba phakathi kwethu." Khona-ke, ngicabanga ukuthi ukuzibusa kukaNkulunkulu kwavezwa ngokumangalisayo kakhulu lapho Ehlela ngqo phakathi kwethu, futhi wazifakazela qobo lwaKhe, ukuthi Wayelapho kanye nathi futhi. Lokho nje kwenza kungabi nakulutheka, ukuthi siseduze kokuphela. Futhi lezozinto Athembise ukuzenza, ekupheleni ngqo, futhi siyakubona kubhekene nathi manje.

12 Ngiyacabanga, mhlawumbe, ukuthi abantu abaningi lapha ba—bangabantu abasindisiwe. Futhi yithina esikhulekayo futhi sikhipha imizamo yethu manje ngengqungquthela ezayo. Futhi sifanele sicindezele ngakho konke okungaphakathi kithi, futhi senze konke esingakwenza. Siqiniseke ukuthi sikhuluma kuso sonke isoni ngesikhathi salengqungquthela. Sisondele kuwo

wonke usomabhizinisi, nawo wonke umuntu ongasindisiwe, nalabo abangenaye uKristu, abangenawo uMoya oNgcwele. Sifuna ukusondela kubo ngoMlayezo, ngosile, ukusondela kweVangeli okuqinile kubantu.

13 Makuthi izimpilo zethu zibe nobusawoti kakhulu, ukuthi abanye bangabhekisisa indlela esiziphatha ngayo futhi siyiphile, ukuthi bazofuna ukuphila ngaleyondlela, futhi. Niyazi uJesu wathi, "Ningusawoti womhlaba." Kodwa uma usawoti ulahlekelwe ubufakazi bawo, isinongo sawo—sawo, amandla awo okuheha, khona-ke angeke usaphilisa noma usindise. Usawoti uyasindisa lapho uxhumana, futhi sifanele—sifanele sibe ukuxhumana kukaNkulunkulu. Siyiphuzu laKhe lokuxhumana, njengoba uMfowethu Roberts izikhathi eziningi ubhekisela ekubekeni isandla sakhe emsakazweni noma okuthize okwephuzu lokuxhumana.

14 Manje, ningangizwa ngikhuluma ngokuyinqaba kancane kulobubusuku, kodwa ubusuku obuthathu noma obune obedlule ngidingeke ngithathe iphimbo lami eliphakeme. Ngi—ngi . . . Elinye likhandlekile. Ngakho-ke, ngikhulumela phezulu, kakhulu ngokusuka phezulu komlomo wami. Akusikho okufakiwe, kodwa ngifanele ngikwenze, ukugcina ingxenye engezansi ingalimali. Niyazi, uNkulunkulu uthi ukusenza ngendlela, lapho, uma ingxenye eyodwa ivithika, singabamba enye. Omunye—omunye . . . Niyazi, ozibambile.

15 Futhi omunye umuntu wangibuza, abanye, ngesinye isikhathi, wathi, "Ungahamba kanjani kanzima kangaka udabule ezintabeni nokunye nokunye?"

16 Ngathi, "Awu, ngafunda ukuthi, iqhinga elincane, eminyakeni emide edlule, kusukela kumaNdiya." Niyabo? Ungahamba ngamadolo akho, ungasebenzisi okuningi, inqulu yakho, futhi uvumele izinqulu zakho ziphumule. Bese-ke uhamba ngenqulu yakho, nokuthwayizela, futhi uvumele amadolo akho aphumule, uyabo. Ngakho-ke phumula nje bese uhamba, phumula bese uhamba, phumula bese uhamba.

17 Yileyo ndlela oshumayela ngayo, ngephezulu bese kuba ephansi, phezulu naphansi. Eyodwa mayiphumule, enye.

18 O, uNkulunkulu wenza into emangalisayo ngenkathi Enza umuntu! Niyazi ukuthi kungani na? Kwakusemfanekisweni waKhe ukuthi Wenza umuntu. Futhi ngakho-ke yini enye engamangalisa kakhulu kunoNkulunkulu na?

19 Kade ngishumayela kakhulu ngo—ngokuFika kukaKristu kulonyaka, ngicabange ukuthi mhlawumbe bekungaba yinto enhle kulobubusuku ukuthi ukuzinza kokunye kwalezizinto ebengikade ngikhuluma ngazo, futhi ngilethe u—ubumqoka besimo salolusuku, ebukhoneni bethu, ngeVangeli, futhi ubone ukuthi sikanjani, qobo lwethu, sililungele lelihora. Sazi kanjani na? Lena kungahle kube ingqungquthela

yokugcina ukuthi leBusiness Men eyoke ibe nayo. Niyazi, lobu kungahle kube ubusuku bokugcina ukuthi iFirtst Assembly of God nawo onke amabandla kulolonke izwe ayoke avulwe. Kusasa, bekungenzeka, onke asevaliwe. Asazi. Lesi kungahle kube yisikhathi sokugcina ukuthi iBhayibheli lifundelwe lesi izethameli. Ngakho-ke, ake sithi ukuhlola nje kulobubusuku futhi sibone ukuthi sikuphi, okokuba semqoka, okwesikhashana.

20 Futhi khona-ke sizohamba, sizame ukuqeda kuse-eli, ukuze sizokwazi ukuvumela abantu baphume futhi singanibambi. Ngenze ukuphawula obul'hlaza ngaleliviki, ukuthi ngi— nginigcine isikhathi eside kwedlule ezikhathini sasebusuku, ukuba bengikwazi ukuphuthelwa umsebenzi wosuku, lokho angeke kukulimaze. Kodwa ngithe, "NgoMgqibelo ebusuku manje, angeke nginigcine isikhathi eside nhlobo, ngoba angeke niphuthelwe isikole sangeSonto. Ufanele ube lapho endaweni yakho yokusebenza." Ngakho-ke, manje, angeke nginigcine isikhathi eside kulobubusuku, ngoba impela ngifuna nibe lapho kusasa ebusuku. Yilokho ebesikushayelela, lesi sikhathi esikhulu.

21 Futhi manje khulekelani bonke labo bazalwane abazokhuluma. Khulekelani ukuthi uNkulunkulu uzozigcoba izithunywa zaKhe. Futhi lobo busuku bayizolo, noMfowethu Oral; ukhethelwe lokho kuqedela kokugcina kwakho konke. Ngicabanga ngalokho ngesikhathi sokugcina, njengoba kwakunjalo ngosuku lokugcina lomkhosi lapho uJesu wayemile futhi wakhala ethempelini. O, kwangathi singakuzwa futhi. Kwangathi uNkulunkulu angakhala kithi, futhi asibizele ohlangothini lwaKhe, sibuthanele eBandleni, abahlengiwe baKhe, uMlobokazi waKhe Amthenge ngomusa omkhulu ngeGazi laKhe uQobo. Futhi sikhulekela lokho kuphela.

22 Manje sizobuka eNkosini manje nje emkhulekweni ngaphambili kokusondela eZwini laKhe. Ngoba, niyazi, iZwi alinakuhunyushwa ngasese, ngakho-ke ngiyathanda nje ukuba uMqalisi aLembule; futhi akuvimbele okwaLo, niyazi, ukuze nje singa—singakholwa ukuthi Uyakwenza. Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu njengamanje nje. Futhi—futhi uma sikhothamisa amakhanda ethu, asikhothamise izinhliziyo zethu futhi, sikhothamise nje izinhliziyo zethu kuNkulunkulu.

23 Manje namakhanda ethu nezinhliziyo zethu zikhotheme, ngabe sikhona isicelo enhliziyweni yakho kulobubusuku, isakhamuzi sami esingumfo wakithi soMbuso, umfowethu oyisihambi? Nina enigogobele lapha ePhoenix nakwezinye izindawo, ukuthi sibuthene kulelibandla elincane elithandekayo kulobubusuku ukuzokhonza Yena, ngabe sikhona isicelo obungathanda uNkulunkulu azi ngaso na? Sigcine engqondweni yakho, futhi phakamisa nje isandla sakho, futhi uthi, "Nkosi, makube yimina manje kulobubusuku. Ngi—ngine—nesidingo

engisishisekelayo." Kwangathi Yena. . .Ngiyazi Uzokubona. Uzokuzwa. Uzokuphendula.

24 Baba wethu waseZulwini, sisondela kuWe ngokukholwa manje. Sizihlanganisa ndawonye, sibeka imikhuleko yethu njengomuntu oyedwa. Ngokukholwa siyahamba lapha, ku-11th noGarfield, futhi siyakhuphuka ngokukholwa, ngaphezu kwenyanga nezinkanyezi, phezulu eMilky White Way, phezulu ngaphakathi nangaphezulu kwezigcawu zalomhlaba, kuye eBukhoneni bukaNkulunkulu. Futhi lapho e-Altare lapho uMhlatshelo ulele khona, namaKherubi namaSerafi andizela phezu kwe-Altare likaNkulunkulu, ememeza, "Ingcwele!" O, indawo enje yokuma! Kodwa ngaleliZwi elilotshiwe, ngeNdodana kaNkulunkulu, ukuthi, "Uma sicela uBaba noma yini eGameni laKhe, Uzosipha lokho." Futhi nango Ehlezi nezingubo zaKhe ezineGazi. Intengo isikhokhiwe, ukuthi thina, esingafanele, singasondela kuYe, njengamadodana namadodakazi, emva kokuba semukele uKristu njengoMsindisi wethu.

25 Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, kulobubusuku, kuqala, ukuba uxolele ububi bethu, nakho konke esikwenzile nesikushilo, lokho obekungalungile nje ekuboneni kwaKho. Futhi, Nkulunkulu, siyazi ukuthi lezo yizinto ezingenakubalwa esizenzile. Yiba nomusa kithi, Nkulunkulu, ngokuba asizikhulumi nje lezizinto ukuze sizwakale, kepha si—sikhuluma lezizinto ngo—ngothando, nangokuhlonipha, nangokukholwa ukuthi uNkulunkulu uzosizwa futhi aphendule imikhuleko yethu yabanye neyethu uqobo. Uyazi ukuthi yini ebingemuva kwesandla ngasinye, impokophelo nenjongo.

26 Nkosi, yelula amaphiko aKho amakhulu angcwele, njengoba bekunjalo, kulobubusuku. Futhi sengathi uBukhona baKho bobukhosi bungezwakala kakhulu phakathi kwethu, kulobubusuku, ukuthi sizokwesaba. Nkulunkulu, sifuna ukwazi nje indawo yethu yokuma manje. Siyahlola, sithatha uhlu lokuqukethwe kwezimpilo zethu. Kungahle kube ngaphambi koHlwitho, ukubizwa.

27 Futhi simagange ngalomhlangano ozayo ngapha eRamada kusasa ebusuku, futhi sifuna ukuhlola izimpilo zethu uqobo kulobubusuku futhi sibone lapho sibafushane khona, ukuze sizoba amathuluzi esandleni saKho, ubumba olubunjiwe futhi lwalolongwa nguNkulunkulu weZulu, ukuze singahle sikwazi ukuba magange kulomcimbi omkhulu ozokwenzeka, esiwubeka ngaphambili kungangenxa yesinye isizathu kodwa ngenxa yoMbuso nenkazimulo kaNkulunkulu. Busisa imizamo yethu ebuthakathaka yeviki, Nkosi, sizama ukushukuma, phakathi kwabantu, ukuqonda ihora esiphila kulo.

28 Khuluma nathi kulobubusuku, ngokufundwa kweZwi, futhi kwangathi Ungathatha indikimba futhi—futhi wembule

ingqikithi ngendlela uMoya oNgcwele angathanda siyazi. Futhi konke ukudumisa kuyakuba ngokwaKho. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

29 Njengabantu abaningi bathanda ukuthi babhale phansi izindikimba, nokucabanga ngezikhathi abangathanda ukuthathisela kuzo. Futhi izikhathi eziningi, abefundisi, njengoba ngenza, mina uqobo, si—sigcina phansi izindikimba ngezinye izikhathi, ukubhekisela kuzo. Omunye umfundisi wakhuluma ngakho, futhi thina . . . Umcabango omncane othile wabamba umqondo wethu. Futhi siyathanda ukuthathisela emuva kuwo, ngezinye izikhathi, ukuthi, "Awu, lokho yi . . . ngibone okuthile ngenkathi bekusho." Lokho kulungile.

30 Manje, sifuna ukufunda kulobubusuku, eBhayibhelini, okuphuma encwadini incwadi iletha yakwabaseFilipi, uPawulu ebhalela abaseFilipi, esahlukweni se 2, ese 5 kuya kwese 8. Singathanda ukufunda lokhu okwendikimba, ngenkathi usafunda kanye nathi, noma usinika ukunaka kwakho okungahlukanisiwe njengoba sizama ukuLifunda.

31 Manje, ngenkathi nisaphenya endaweni emBhalweni, ngithanda ukusho ukuthi nginikeziwe, umfowenu, ilungelo lokukhuluma kuleliSonto elizayo ntambama engqungqutheleni. Bekuyinjongo yami yokuba lapho manje iviki lonke, nokuhlala phandle ndawana thize ezethamelini, noma ndawana thize, ngilalele futhi ngigcwalisa futhi ngondla umphefumulo wami uqobo ngeZwi likaNkulunkulu, njengoba abazalwane bethu bezoliletha, nobufakazi bosomabhizinisi. Futhi ngethemba ukunibona nonke lapho. Umhlangano untambama, ngakho-ke amabandla azovalwa, nxazonke. Nina, nizokwemukeleka kakhulu ukuba nize. Sinilindele, lowo nawo wonke omunye umhlangano.

32 Manje kwabaseFilipi 2:5, siyafunda.

*Mawube kini lowo mqondo, owawukhona nakuKristu Jesu:*

*Owathi, enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu:*

*Kepha wazidela, ethabatha isimo senceku, enziwe ngomfanekiso wabantu:*

*Wathi efunyenwe njengomuntu, wazithobisa, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo ekufeni kwesiphambano.*

33 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Ngizothanda ukuthatha, okwemizuzu embalwa yesikhathi senu, kulokho engizokubiza, noma ngithande ukukusho, indikimba ebizwa ngokuthi: *Inkomba*. Ukukhomba, ukukhonjwa ngokufana nabalingiswa beBhayibheli! Ukukhonjwa ngokufana nabalingiswa beBhayibheli! Futhi kulobubusuku, njengoba ngicabangile, ekusondeleni kulokhu,

ngemuva kokuba sibe naleliviki besikhuluma ngokuFika kwaKhe, nokuthi iBandla belifanele lizilungisele kanjani qobo lwaLo.

34 Namuhla lapho ngihlezi egumbini, ngibe nokuthile engqondweni yami ebengifuna ukukhuluma ngakho kulobubusuku, "UMhlatshelo odlula konke." Kodwa, kubonakale, uMoya oNgcwele ubonakale uthi ukungigudluzela emaceleni ukusuka kulokho, ngale komunye umgudu wokucabanga. Bonke abefundisi uyazi ukuthi lokho kuyini. Nina, ucabanga ukuthi unokuthile ofuna ukukusho, bese kuthi-ke, ngokungazelele, uzwa ukuthi ufanele usho enye into,mhlawumbe ephambeneyo. Mhlawumbe nje kungokomuntu oyedwa. Angazi. Kodwa, ngimdala ngokwanele kuKristu, ukwazi ukulandela ukuhola kukaMoya. Lokho uMoya othi kwenze, kwenze.

35 Ngiqinisekile kulobubusuku ukuthi sifanele sizithole thina kumlingiswa othile weBhayibheli, ukuze sizokwazi umphumela walowo mlingiswa futhi sazi ukuthi umphumela wethu uzoba yini.

36 Kungikhumbuza ngendatshana engake ngayizwa ngesinye isikhathi, ye—yenenekazi, lalilethe umfanyana evela—evela ngaphandle emaphandleni ndawo ndawo, ababehlala khona, wangena edolobheni, uku—ukuvakashela ugogo wakhe. Futhi umfanyana, ehlala emuva . . .

37 Engxenyeni yami yasemaphandleni, eKentucky, *emaphandleni* kuchaza indlu yezingodo ndawo ndawo, enezingcwecwe ezindala zamapulangwe zokuvimbela isimo sezulu kuyo. Futhi ngakho-ke isibuko sethu, ekhaya, kwakuwuphisi wesibuko obethelelwe esihlahleni, lapho, ngaphandle, lapho kunebhentshi elincane lokuwashela elakhelwe esihlahleni, ngasephampini yesitsha samanzi, lapho ubabayi ayephamba amanzi futhi ageze izandla zakhe, nophisi wesibuko lapho. Futhi ngimbonile uMama ema phandlela lapho futhi akame izinwele zakhe, ngoba sasingekho isibuko endlini.

38 Lo mfana omncane kungahle ukuba wakhuliswa ekhaya elinjalo. Futhi lapho ehla ukuba avakashele ugogo wakhe, wayeno—nomnyango lapho, ngemuva kwawo, kwakuyisibuko. Futhi umfana omncane wayethi akabe nesizungu. Futhi wayeqalaza yonke indlu. Futhi ngemuva kwesikhashana, kwenzeka wabuka emnyango. Futhi wawukade uvaliwe, selokhu bengenile. Futhi—futhi esibukweni eceleni kwakhe, wabona umfanyana. Futhi waqala ukuya kumfanyana, ukwenza ubungane naye. Futhi lapho eqala ukubuka kulengilazi, wasondela eduze. Futhi waphenduka, wathi, "Ngani, mama, yimi lowo."

39 Futhi yilokho esifuna ukukubuka kulobubusuku. Ngifuna ukuzibuka, futhi ngifuna nizibuke nani. Futhi lapho

sibuka esiBukweni sikaNkulunkulu esikhulu seZwi laKhe, makuthi okwethu. . . sikwazi ukuzikhomba qobo lwethu nalabo esizokhuluma ngabo, abanye babalingiswa bezinye izikhathi. Futhi ngifuna ukuzibona e—engilazini kaNkulunkulu yokubuka. Isizathu, uma noma yini izokukhombisa lapho umi khona, yi*le* Ncwadi. Ayikho incwadi efana naYo, ngoba iYiQiniso lonke. Angisho ukuthi ezinye izincwadi aziqinisile, kodwa ngi—ngiyazi ukuthi Lena iyiqiniso. YiQiniso lonke, ngoba IyiZwi likaNkulunkulu.

40 Manje, uJesu wasinikeza iSibonelo salokho ebesifanele sikubuke, ngenkathi Ebonakalisa ukuPhila kwaKhe kithi ngeZwi, ukuthi sifanele sibone ini. Uma sibuka esibukweni sikaNkulunkulu, sifanele sizibone sikhonjwa kanye naYe. Leso yiSibonelo esiphelele.

41 Manje, kodwa sithola ukuthi, njengoba sihambisana empilweni, ukuthi isimilo sethu sibumba isithombe esiyiso. Ngamunye uyakwazi lokho. Wena, njengoba uphila, kanjalo nesimilo sakho, siyakubumba ube yilokho oyikho. Manje, ubabonile abantu othandayo nje ukuba ngakubo, nokho kungenzeka bangabi ncamashi koba—kobakake bakho bomphakathi. Kanti, futhi, kungenzeka babe ngabohlanga olwehlukile, amakhaladi, noma onsundu, noma ophuzi. Kodwa kukhona nje okuthize ngalowo mlingiswa, ukuthi nje uyathanda ukuba sebukhoneni babo. Ngoba umuntu ngamunye ungu—ungumshini wokwenza ugesi omncane wabo uqobo, futhi wena—weba ukhipha isimo sendawo.

42 Futhi khona-ke ubona abantu ababengabantu abadumile, kodwa nokho wawuhlala njalo ujabula ukusuka kubo. Kungukuthi nje ba—badala isimo sendawo esinjalo ngalapho ungakhona. Akukho okumelene nabo, bangabantu abakahle, kodwa nje awusithandi nje lesosimo sendawo, bona, ba. . . abakuso. Futhi isimilo sabo sidala noma yini abayiyo, sibenza babe yilokho abayikho.

43 Ngenkathi uNkulunkulu ebuke phezu kokudaliwe kwaKhe okulahlekile, ngemuva kokuba Ayekwenzile futhi wayilingisa nje ngendlela Ayeyifuna ngayo. . . Futhi ngi—ngiyathanda ukuyibuka emsukeni wayo. Ngi—ngiyayithanda impilo yangaphandle, ngoba, lapho, leyo kufanele kube yindlela Akufuna ngayo, noma Ubengeke abe nakho kwenziwe ngaleyondlela. Futhi siyafika sizungeze futhi siyiphendukezele, futhi senze okuthile ngayo engaMthokozisi. Kodwa, isimilo saKhe sothando, sabunjwa; uNkulunkulu, ukubona ukuthi elaKhe—ukuthi icebo laKhe elikhulu nokudala isintu ukuba sihlale emhlabeni, nokuthi sihlale ngokuthula, futhi singafi neze, singalokothi sigule noma sibe nenhliziyo ebuhlungu noma yikuphi ukukhathazeka. O, yeka i—yeka indlela uBaba asihlinzekele ngayo! Futhi lokho kwakungesaKhe—leso kwakuyisifiso saKhe, futhi, sethu ukuba sibe ngaleyondlela.

Akazange afise ukuthi sibe sesimweni sokufa njengoba sinjalo. Lokhu, futhi i—isimo leso umhlaba okuso namhlanje, akukaze kube isifiso sikaNkulunkulu. Wayengakuqondile lokho, nhlobo.

44 Kodwa ngenkathi Ebone ukuthi indalo yaKhe yayi—yayiwile, manje isimilo esithandekayo saKhe uqobo samubumba Yena uqobo waba nguMuntu kaKristu. Isimilo sikaNkulunkulu uQobo sothando kumvezile qobo lwaKhe kuMuntu, uKristu. Njengoba uPawulu ekhuluma lapha, "Ecabanga ukuthi akusikho ukuphanga, kodwa ezenza Yena uqobo alingane, alingane noNkulunkulu, njalo." Niyabo? Isimilo saKhe uQobo sabumba lolo hlobo loMuntu. O, akekho owayengake enze lokho ngaphandle kukaNkulunkulu. Lokhu kwenziwa ukuze Ezokhokha inhlawulo yokuwa kokudaliwe kwaKhe. Niyabo? U. . .

45 Kufanele kube nokuthile okusindisa lokhu okudaliwe. Futhi akukho okungakusindisa, ngoba uhlobo oluphakeme kunakho konke kokudaliweyo kwaKhe kwakuwile, futhi konke okungaphansi kwakho kwawa nakho, ngoba kwawa. Yinye kuphela into eseleyo, engawanga, futhi lowo kwakunguNkulunkulu, amazulu. Ngakho-ke okuthile kwamazulu kwakudingeka kwehle ukuhlenga lokhu okudaliweyo, ngoba kwakungekho lutho lapha olwalungakudala. Futhi uthando lukaNkulunkulu uqobo lwezwe lwadala isimilo esavezwa kuKristu. Wayeyisimilo sikaNkulunkulu. Wayengumfanekiso kaNkulunkulu oveziwe. Ngaphakathi kuYe kwakunguNkulunkulu, uNkulunkulu kuKristu, ezembula qobo lwaKhe ezweni. Futhi alukho uthando olungake lube lukhulu kunalolo thando, ukuthi, uMuntu onjalo uzoba yilokho Akwenzayo, ukuze a—ahlenge obekulahlekile.

46 Lokho bekufanele, lowomcabango nje khona lapho, ubufanele ulethe iPhoenix nezwe lonke ehlazweni, ukubona ukuthi simosini esiwele kuso. Futhi yini. . .uNkulunkulu, eziveza qobo lwaKhe, ukwenza icebo lokuhlengwa, uku—ukuhlenga lesisimilo sethu esiwile.

47 Lokhu kwenziwa ukuze inhlawulo ikhokhwe, ngoba i—inhlawulo yayingukufa. Futhi oyedwa ngaphansi kwesigwebo sokufa akakwazanga ukukhokha inhlawulo yomunye olandelayo ngaphansi kwesigwebo sokufa. Ngakho-ke kwakudingeka kube khona Othize ofikayo owayekhululekile ekufeni, ukuze akhokhe inhlawulo. Futhi akekho omunye owayengafika ngaphandle kukaNkulunkulu, ngoba WayeNguye kuphela owayekhululekile enhlawulweni yokufa.

48 Manje, ngakho-ke, isimilo saKhe esithandekayo sothando, o, ngathi, ku—kucacisa uJohane 3:16. "Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe eyodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kepha abe nokuPhila okuPhakade." UNkulunkulu, eziveza qobo

lwaKhe, futhi uba nguMuntu, ukuthi Angahle abe nesimo phezu kwaKhe sokudaliwe kwaKhe. Ngamanye amazwi, Waguqula itende laKhe. Walisabalalisa phakathi kwezidalwa ezingabantu.

49 Futhi usana, uJehova, ekhala emkhombeni, ubungakucabanga na? Bekufanele kwethuse izinhliziyo zamakholwa. Futhi konke lokho kwenziwa . . . Ubungakucabanga nje, uJehova eyingane e—emkhombeni, e—esitebeleni somquba na? Ubungakucabanga nje lokho na? Ubukucabanga nje, uJehova omncane edlala njengo—njengomfana na? Yisibonelo. Ubungacabanga nje, Yena eyinjejane na? Ubungacabanga nje, Yena esesitolo sombazi na? Futhi ubungacabanga nje, Yena ekulaleleni okuphelele kangaka kuNkulunkulu, efa esiphambanweni, ukuhlenga indalo yaKhe ewile? Lolo uhlobo lothando uNkulunkulu ayenalo. Futhi Wayefanele abe yilokho, ukuze afe, ukubamba udosi lokufa.

50 Manje, ngiyakholwa, ebusukwini obumbalwa obedlule besizwakalisa okuthize ngaleyondlela, ngenkathi Efika. Futhi Wathumela abaprofethi namadoda amakhulu, futhi Wathumela uMose nabaprofethi, futhi Wanikeza imithetho. Kodwa bonke laba babengeke bahlenge, ngoba babesalokhu bengamadoda ngaphansi kwenhlawulo yokufa. Futhi babengeke bayikhokhe inhlawulo yokufa, nakuba babekhomba izigxobo ezikhombe kuLowo ophelele, ngoba babengaphelele. Kodwa ngenkathi Lona ezalwa, Wazalwa engenasono.

51 UNkulunkulu, uJehova, wasibekela intombi futhi wadala ingqamuzana leGazi. Futhi ngenkathi Lokho kuzalwa, KwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Ngamanye amazwi, kwakuyitabernakele. Kwakuyindawo yokuhlala lapho uJehova wayengahlala khona phakathi kwabantu baKhe futhi wazizwakalisa qobo lwaKhe, lokho Ayeyikho.

52 Isibonelo esinje, kanjani ukuthi uNkulunkulu ongcwele enziwe wabonakaliswa, base-ke bethatha indawo yenceku, ukugeza izinyawo! Futhi wakhuluma, ukuthi, “Izinyoni zinezidleke, futhi i—futhi izimpungushe zinemigodi, kodwa aNginayo indawo yokuqamelisa ikhanda laMi.” Khona-ke, isibonelo esinjena pho! Impilo yethu ingakubonisa kanjani, kweyaKhe na? Futhi Wenza isibonelo salokho esifanele sikwenze, ukuthi sifanele sibe kanjani. Sizofanele siMbone uma uzibuka esibukweni. Bonani uKristu, isibuko seZwi laKhe, ukuthi Wakwenza kanjani lokho ngothando.

53 Futhi sanikeza umdlalo omncane wasesiteji ngobunye ubusuku, ngoKristu ekhuphukela eGolgotha, nokuthi kanjani amanyathelo, eGazi laKhe ligobhoza emhlane waKhe, lapho Wayebhaxabuliwe, futhi waphathwa kabi, futhi walinyazwa. Futhi konke lokhu, ngenxa yakho. Wayengenasono. Wayengenasono, kodwa Wenziwa isono ngokuba ngumnikelo wesono.

54 Futhi manje uNkulunkulu wayedingeke a—azeMbule ezingxenyeni zaKhe ezingehlukaniseki, kuloMuntu owayebizwa ngoKristu, ukuze azithathele ukufa phezu kwaKhe. NjengoJehova, Wayengeke afe, ngakho-ke kwadingeka Azidalele umzimba. Futhi akekho owesifazane ongaveza lowomzimba. Ngakho-ke isimilo saKhe uQobo . . . Amen. Ngiyaxolisa. Lapho ngicabanga ngakho! Isimilo saKhe saveza lowoMuntu othandekayo kaJesu Kristu. Akekho owesifazane owayengakuletha. Umama kaMose, yena, uJokebedi, wayengowesifazane omkhulu, futhi kanjalo noRebeka nabaningi abanye besifazane, kodwa akekho kubo owayengaveza loluhlobo lwesimilo, ngoba kwafika ngocansi ngabantu abawile. Kodwa uNkulunkulu waveza umzimba waKhe uQobo, indawo yaKhe yokuhlala. Yingalesosizathu WayeyiNdodana kaNkulunkulu, ngoba akukho lutho olunye olwalungakuveza. Kodwa isimilo saKhe uqobo sobuNkulunkulu saveza lelitabernakele, ukuzizwakalisa Yena ngaphakathi.

55 Futhi, nokho, Wazisusa qobo lwaKhe entweni enkulu Ayeyiyo. Futhi ekuzalweni kwaKhe, Wayengafika nokubingelela okugcwele kweNgelosi. Wayengafika ngezinqola neziNgelosi zaseZulwini, kodwa Ufika ngendlela yenqolobane. Lokho nguthando lwaKhe—lwaKhe, eZehlisela phansi kokuphansi ukwedlula konke.

56 Manje, funda lesosimilo kancanyana bese-ke uyazibuka, futhi ngiyazibuka. Kodwa, yilokho Ayeyikho, yilowo AyeNguye, futhi yingakho Wayenjalo, ukukusindisa. Wathatha . . . Waba nguwe, ukuze wena ube nguYe. Wathatha umthwalo wakho wesono.

57 Ngakho-ke, ngenkathi siza ukuba sihlangane naYe, angeke sidingeke ukuthi sime . . . Besingeke sime eBukhoneni bukaNkulunkulu. Akunandlela kithi yokukwenza. Kodwa uma simi kuYe, niyabo, Usevele uwubonile uMhlatshelo. "Lo yiNdodana yaMi ethandekayo Engithokozile ngaYo." Wakubona. Kwakungekho sici kuYe. Futhi, nokho, Wahlupheka ngokulingwa njenganoma yiyiphi enye indoda. Nokho, Wadelelwa. Kwahlekiswa ngaYe. Wahlushwa, kusukela ngehora Azalwa ngalo kwaze kwaba yihora Afa ngalo, futhi nokho Wabuyisela okuhle ngokubi.

58 Angeke, akukho ndlela, eyake yaveza iSimilo esinjalo; kuphela, ukwamukela leso Similo kuwe. Ibandla angeke likwenze lokho. Isivumokholo angeke sikwenze lokho. Ihlelo angeke likwenze lokho. Imfundo angeke ikwenze lokho. Kufanele kube ngukuZalwa. Kufanele kube u—ukuphela, futhi kuvunyelwe uNkulunkulu angene, ngomusa kaKristu, abumbe lomfanekiso wesimilo kuwe, ukuze wena ube nguYe, futhi impilo yakho neyaKhe iyefana, khona-ke ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

59 Khona-ke, ngenkathi Enyuka eya entabeni, futhi isiphambano saKhe sasidonsa sisusa amanyathelo, o, ngifisa sengathi ngabe ngangiyingcweti yemifanekiso, ngifisa sengathi ngangiyiyo, bengingakhuluma ukuze ngikudwebele ngengqondo isithombe seKalvari, salelohora elisabekayo kakhulu izwe elake lalazi, futhi nokho, babengenakho ukuzwa ukuthi kwakwenzekani, izigidi sasingenakho ukuzwa.

60 Futhi ngingaphendulela lesosithombe kulokho engikushilo kuleliviki na? Siyangena futhi ehoreni elesabekayo, isikhathi esisabisayo. Futhi iPhoenix nezwe liyabhukuda, futhi amabandla ayazibhukudela ngesingawo, ebuzweni, nasembukisweni womuntu baseHollywood, omunye ehlula omunye. Futhi amalungu aba yizwe. Kubonakala sengathi abasibambi isithombe, nobucayi, nokwembulwa, kokubonakala kweNdodana kaNkulunkulu kulolu izinsuku zokugcina.

61 Yeka isikhathi esibi kanje pho okwakuyiso! Bayazi nje ukuthi kwakukhona isoni, ngaphansi kokujeziswa ngokubulawa, sasizokufa ngalokho kusa. Yilokho kuphela okwakuyikho kubo.

62 Yilokho kuphela Okuyikho namuhla, kubantu, lapho bezwa uMlayezo. "Enye indoda yasendle; omunye umgingqiki ongcwele; noma othile ongahlahlile ekhanda." Futhi angisho ukuthi abekho abangahlahlile ekhanda abakholwayo. Kodwa bewazi nje kuphela . . . Bababiza, "Ngezinqaba." Awu, lalelani. Noma ngubani ophila kahle uyinqaba, kulelizwe lesimodeni. Sonke siziyinqaba, njengokukhuluma kanjalo. Futhi xolani ngalesosisho sezwe, kodwa indlela kuphela ebengazi ukuthi ubuzokuthola engikhuluma ngakho; niyabo, oyinqaba nje, ongejwayelekile, umuntu.

UJesu wayeyilolo hlobo loMuntu.

63 Abaprofethi babewuhlobo lwabantu, abafika ngonyaka lapho yonke into yayithola isiphetho esixegayo. Futhi abaprofethi bayafika futhi babamba lezo ziphetho ezixegayo, futhi bababuyisa futhi babasunduzela ngaphandle ebusweni babantu, futhi babatshela, "Yena kanye uNkulunkulu ozisho ukuthi uyamkhonza uzokubhubhisa, ngoba ususukile ohlelweni lwaKhe. Yilendlela kuphela Angakusindisa kuyo." Futhi bayizinqaba njalo.

64 Futhi, namhlanje, uma sizwa uMlayezo kaNkulunkulu uphuma, sicabanga ukuthi Kungumkhohlisi othile, ubuhlanya, noma okuthize. Futhi lapho, kunokuningi kwakho ezweni: amaqhinga, ukwenza imali, ukungakhathaleli, abantu abangaphansi kokubonakala noku—nokukhuluma ngokungathi kwakuyiNkosi. INkosi njalo izikhomba Yona uqobo. Niyabo? Futhi qaphelani.

65 Kodwa, kulokho, benazi ukuthi zonke izinto zizofanele zifike na? Impela. I—izimbali zifanele zibe nameva azo. Umnyombo

e—ekinatini ufanele umbozwe yinhlamvu ngaphezulu. Ufanele ugubhe ukhiphe inhlamvu ukuba ufinyelele phansi emnyombweni. Siyehluleka nje ukubona lezozinto. Amagugu, i—i—insimbi namagugu, nemali, isiliva negolide kulezizintaba, zimbozwe ngenhlabathi, zagcwaliswa ngomtopho okhipha insimbi nokunye okumbiwa phansi okuhambisana nawo. Sikulindele lokho. Ufanele ukumbe ukukhiphe. Lapho umhlwayi ethola lokho akubiza "ngokunganakwa," kuluthuli, kodwa yi. . .Bayakubona. Kuyafanekisa, phakathi lapho, kunesithunzi sikamama wohlu lohlobo lwensimbi etsheni ndawana thize.

66 Futhi uma sibona lababantu namuhla maqondana nokuba ngamaKristu, futhi bephila nje nganoma iyiphi indlela, kuyini na? Ngokunganakwa. Kukhona umama wohlu lohlobo lwensimbi etsheni ndawana thize. Uma sibona umuntu enza sengathi banoMoya oNgcwele, ngenkathi bengenawo, futhi bephila impilo ehlukile, kuwubufakazi kuphela bokuthi kukhona umama wohlu lohlobo lwensimbi etsheni wangempela kaMoya oNgcwele ongathululelwa ngaphandle, onganikeza izinto Azethembisa. Sifanele sikhathalele futhi sihloniphe.

67 UJesu, esendleleni yaKhe eya phezulu. Udeveli wayehlala ekungabaza Lokho ngokuba ngokwedlula umprofethi. Akakukholwanga lokho ukuthi Wayengu-Emanuweli. UNkulunkulu ebonakaliswe eNdodaneni yaKhe uQobo, Yena neNdodana yaKhe beMunye, ngani, wayengeke akubone lokho. Kanjani uNkulunkulu, uMdali omkhulu, ake ame futhi avumele umuntu othize aMtshele, "Awu, uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yala lawamatshe ukuba aphenduke abeyisinkwa"?

68 Futhi kanjani ukuthi Yena, egcekeni likaPilatu, ngenkathi i. . .Ngiyaxolisa ngesisho; kodwa lapho kufike inkathazo, njengoba besingakubiza. Futhi lapho Wayenendwangu izungeze ubuso baKhe, futhi—futhi amasosha amaRoma ephimisela ubuso baKhe, futhi edluthula intshebe, neGazi lithululeka ledlula. Futhi nomqhele wameva ekhanda laKhe. Futhi esevele eshayiwe, neGazi laKhe ligobhozela phansi ngokukhululeka ezinhlangothini zaKhe. Futhi uSathane ekubhekile lokho. Futhi kwabekwa indwangu phezu kobuso bakhe, futhi amasosha aMshaya ekhanda ngenduku, ase-ke edluliselana elinye kwelinye, athi, "Manje, uma ungabona lemibono, uma ungumprofethi, manje, wena—wena sitshele ukuthi ngubani okushayile." Futhi Akazange Avule umlomo waKhe. Ngakho-ke bacabanga ukuthi . . .

69 USathane wathi, "Leyo, leyo ngeke kube yiNdodana kaNkulunkulu. Angeke nje kube njalo. Yena angeke akubekezelele lokho." Kodwa amadodana kaNkulunkulu abekezelela noma yini inqobo nje uma bazi ukuthi benza intando kaNkulunkulu. Futhi yilokho Afikela ukukwenza. Ukugxekwa!

70 Manje, ngoMlayezo wethu, singama ngasengilazini yokubuka yeZwi likaNkulunkulu futhi sibone uKristu ebonakala ezimpilweni zethu uqobo ngaleyonkathi na? Singakuthwala okunjalo, nokusola koMlayezo esiwumele lapha na? Omunye umuntu angasho okuthile ngaWo, futhi nokho awuwuvuli nje umlomo wakho futhi ungasho lutho ngakho. Wayeyisibonelo, ngoba uNkulunkulu wayebonakalisa isimilo saKhe kuYe. Futhi khona-ke uma singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, uNkulunkulu ubonakalisa isimilo saKhe kithi, khona-ke siba njengaYe. Leso yisifiso senhliziyo yami. Ngicabanga ukuthi lokho yisifiso salo lonke ikholwa, ngukufana naYe kakhulu.

71 Bese kuthi-ke endleleni eyenyukela egqumeni, ngenkathi uSathane ethi, "Kulungile, ukufa, manje niyazi ukuthi nginawe ekuyaleni kwami. Futhi Nanguya. Ekugcineni siMkhandlile. Sekuze kwafika endaweni lapho Yena—Yena usekugcineni kwezindlela zaKhe. Akazi ukuthi aphinde enzenjani. Uba yihlaya phakathi kwabantu. Umyalezo waKhe wawela emoyeni. Futhi manje uhulumeni uMbambile, futhi Wehluliwe. Akayena uNkulunkulu. Yehlela ezansi lapho futhi ushayele udosi kuYe. Msuse aphume empilweni."

72 Futhi emgwaqeni okhuphukela egqumeni, njengoba inyosi iqala ukubhuza nxazonke ngakuYe. Kodwa yingakho Afanele abe ngaphezu komuntu. Ukube Ubekade engumuntu, noma umprofethi nje, noma noma yini engaphansi kukaNkulunkulu, ukuba Wayekade eyilokho, ukufa kwakuyoMtinyela futhi Ubeyobe elele ethuneni.

73 Kodwa inyosi yokufa ifana nanoma yisiphi esinye isinambuzane esinodosi. Uma ike yathola udosi lwayo luthole ukujula, izinsuku zaso zokutinyela sezedlule. Sikhipha udosi lwalo luphume.

74 Awu, inqobo nje uma inyama yomuntu yayise—esimeni sesono, ngokocansi wazalelwa ngaphansi kwesiqalekiso, khona-ke ngenkathi ukufa sekuntinyele leyonyama, udosi angeke lubuye futhi lutinyele omunye.

75 Kodwa lapho etinyele *leyo* nyama, yakhipha udosi lwakhe. Akasenalo olunye udosi. WayenguNkulunkulu enyameni, ezitabernakele phakathi kwabantu. Izinsuku zakhe zokutinyela zase zedlule. Yingakho uNkulunkulu wadingeka azibokalise Yena uqobo emzimbeni, okungukuthi, siyazi njengeNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu. Futhi Wakwenza lokho ukuze Engasusa inhlawulo.

76 Ngoba, niyabo manje, siya kwenye ingxenye yomBhalo. Kepha niyabona manje ukuthi kungani leyo Ndoda yayingaphezu nje kokuba uthisha, njengoba abantu bethi Unguye namuhla, isazi sezimfihlo zokudabuka kwezinto zonke ezikhona, noma iNdoda ekahle, noma umprofethi. Wayengu-

Emanuweli. WayeyiNdodana kaNkulunkulu, okunguJehova uNkulunkulu enziwe wabonakaliswa ezingxenyeni zaKhe ezingehlukaniseki zokuveza Yena uqobo emzimbeni Awakhile, qobo lwaKhe. Amen. Kwabonakalisa. Futhi imvelo yesono yomuntu yayingenakuyenza into Ayenzayo. Niyabo? Ngakho-ke kwakufanele kube nguNkulunkulu enza futhi ezibonakalisa Yena kuMuntu, enza isibuko, ukuze sizobona lowo Muntu ophelele, onguKristu. Yebo.

77 Lokhu, ukwenza lokho, kwakubonakalisa esaKhe esidumile, isimilo esithandekayo. Niyabo, kuYe kwakuyingxenye engahlukaniseki njengoMsindisi, futhi kwakufanele kuziveze. Futhi Wayengeke abe nguMsindisi futhi abe ngumuntu ozelwe ngokwemvelo. Wayefanele abe ngaphezu kokuba ngumuntu. Futhi Wayenjalo. WayenguYe kuphela Owayengenza lokhu, ngangokuthi Wayengenasono ngokwemvelo.

78 WayenguNkulunkulu eZwini. Manje, uJohane oNgcwele, isahluko 1, uyakuchaza lokho. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, futhi uLizwi wayekuNkulunkulu, futhi uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama." UNkulunkulu uba yinyama ngenkathi Emelela, noma ngenkathi Eziveza Yena emhlabeni, esimeni seNdodana yaKhe, uMuntu kaJesu, iNdodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu eziveza Yena kulowoMuntu.

79 Akashongo yini uJesu ukuthi, "Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi. AkusiMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi. Uhlala kiMi. Angikwazi ukuzilawula ngokwaMi. Uyakwenza lokho." Umthombo kaNkulunkulu weZwi, elizwakalisiwe! Amen. Ngizizwela ipentekoste. Yebo.

80 Wayengenasono ngokwemvelo, futhi yilokho kuphela okwakungaveza lowo Nkulunkulu ongenasono, iZwi, iZwi linguNkulunkulu. Futhi izwi lingumcabango oveziweyo. Futhi lapho uNkulunkulu ecabanga ngomzali, Wazwakalisa umcabango waKhe, no—noKristu wayengukuzwakalisa kukaNkulunkulu. Amen. Niyakubona na? Wayengukuzwakalisa kukaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu angaba yithina futhi aphile njengoba siphila, nokho ezwakalisa ngokuphelele lokho umuntu ophelele afanele abe yikho, ngokuphelele. WayeyiZwi likaNkulunkulu elizwakalisiwe futhi laqinisekiswa kahle, lakhonjwa. Lapho Ema lapha emhlabeni, Wathi, "Uma ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa."

Futhi Wathi, "Yimuphi kini ongaNgimangalela ngesono na?"

81 Ngingathanda ukunivulela lokho kancanyana nje, uma kungavumeleka. Niyabona, *isono* ngu "kungakholwa." Kunezinto ezimbili kuphela, imigudu, ongaphila ngayo. Omunye wayo ngukukholwa, futhi omunye ukungakholwa.

"Ongakholwayo uselahliwe vele." Ukubhema, ukuphuza, ukuphinga, ukuqamba amanga, ukweba, ukuzifanisa ngokwenyama, lezozinto ziyizingxenye ezingehlukaniseki zokungakholwa. Uma ubuyikholwa, ubungeke uzenze lezozinto. Qhabo. Wenza lokho ngenxa yokuthi awusilo ikholwa.

O, wena—wena uthi, uthi, "O, kodwa ngiyikholwa."

82 "Kepha niyakubazi ngezithelo zabo." Niyabo? Izenzo zakho—zakho zikhuluma kakhulu kunalokho ukuvuma kwakho okukufakazayo. Niyabo? Uma ungalikholwa iZwi likaNkulunkulu, futhi uLibale njengento edlulile, noma uthathe incwadi ethile esikhundleni saLo, futhi uthi, "*Lokhu* kuhle njengaLelo," kukhombisa ukuthi awusilo ikholwa. Kunjalo. Awu—awusilo. Futhi uma ubuyilo, khona-ke ubuzolikholwa iZwi likaNkulunkulu. Beliyo . . . Ubeyozizwakalisa Yena uqobo ngeZwi laKhe.

83 Manje, WayeyiZwi likaNkulunkulu elizwakalisiwe. Futhi Wathi, "Manje, uma ningeke niNgikholwe," wathi, "kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo. Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade. Futhi leyo yiyona kanye into eshoyo ukuthi NginguBani." O! Angazi uma . . .? . . . "Niyabona, yiLowo oshoyo ukuthi NginguBani. ImiBhalo iyasho ukuthi NginguBani."

84 Futhi ake ngiqhubele lokho phambili kancanyana, nizokwenza na? ImiBhalo yileyo ekutshelayo ukuthi uyini. Lokho kuzwakalisa wena futhi kuzwakalisa mina. ImiBhalo iyasho ukuthi siyini. Izwakala kakhulu ukuthi iphimbo lethu angeke ngisho lizwakale. Impilo yethu ikhuluma kakhulu kunephimbo lethu, niyabo, futhi yindlela kaNkulunkulu yokusivumela sibone ukuthi siyini.

85 UJesu washo into efanayo. "YiYo efakaza ngaMi. Iyafakaza ukuthi Ngingubani. Futhi ngubani kini ongaNgilahla ngokungakholwa, isono na? Uma ngingakwenzanga ngokufanele . . ." Lalelani, ngikhuluma ngokuzibuka wena uqobo. "Uma Ngingazikhombanga ngokufanele qobo lwaMi njengalokho iZwi elikushilo ukuthi Ngiyoba yikho!"

86 Ngiyamangala uma thina maKristu besingacabanga lokho kulobubusuku. Angazi noma besingabuka yini engilazini kaNkulunkulu yokubuka, ukuthi ziyini izidingakalo zomKristu, futhi sizikhombe qobo lwethu ngaleyondlela. Angazi noma besingakwazi. Angazi uma singazikhomba qobo lwethu kulobubusuku noJohane 3:16, futhi, o, nalo lonke uhlobo lwemiBhalo; uMarku isahluko se 16, nazo zonke lezi ezinye izindawo, ukuthi, futhi nangale kwa—kwabaseGalathiya, ngiyakholwa, ne—nezindawo ezehlukene, abaseThesalonika besiBili, lapho izithelo zikaMoya, nokunye nokunye. Angazi uma singazikhomba thina uqobo.

87 UJesu wathi, "Ubani kini ongaNgilahla ngesono, ukuthi aNgikwenzanga futhi ngenza khona kanye lokho imiBhalo eyathi Ngiyokwenza." Akekho owayengasho igama, ngoba ngokweqiniso Wayezikhombile qobo lwaKhe.

88 Futhi bona, njengoba behlala bekwenza, umzenzisi wayeMkhombe njengoBelzebule, umoya omubi. Ngenkathi Ezenze waziwa ekwahlukaniseni umoya, ukuthi WayenguMesiya, khona-ke bathi, "Lowo ngumoya omubi okuYe, owenza lezizinto." Ngakho-ke, niyabo, Waqinisekiswa ngokufaneleyo. Kwakungeke kube nephutha.

89 Owesifazane omncane emthonjeni akazange—akazange enze phutha. Wathi, "Mnumzane, siyazi, uma uMesiya efika, Uzokwenza lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?" Yena . . .

Wathi, "NgiNguye."

90 Futhi uMuntu owayengenza into enjengaleyo ngokwangempela wayeyosho iQiniso. IQiniso likaNkulunkulu lalinaYe. Futhi babeyaliwe, uma umprofethi evukile futhi—futhi wakwenza, washo okuthize, futhi lokho akushilo kufezeka, wayekhonjwa njengomprofethi. Futhi wayeMbone njengomprofethi, futhi waMbuza ukuthi WayeNgubani. Futhi Wamtshela, ngakho-ke lokho kwakuxazulula. Wagijimela emzini futhi wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto." Kwakungekho phutha ngakho.

UFilipu wayengenaphutha.

91 Nakuba, ngenkathi, uNathanayeli, njalo, ngenkathi uFilipu wayezamile ukumtshela ukuthi kwakukade kwenzekeni ngenkathi Ehlangana noSimoni, kodwa, ngenkathi uNathanayeli efika, wayenokungabaza kancane.

92 Kodwa lapho ebone uJesu, futhi uJesu wathi kuye, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye."

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

93 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, Ngikubonile." Kwaku—kwakungekho ndlela enokwenzeka yephutha.

94 Wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi ka-Israyeli."

95 UJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokho, uyakholwa. Ungabona okukhulu kunalokho manje."

96 Imvelo yakhe engenasono yezwakalisa iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? WayeyiZwi, ngakho-ke uNkulunkulu wazizwakalisa qobo lwaKhe ngaleyomvelo engenasono.

97 Mangime lapha nje umzuzwana. Angifuni ukunigcina isikhathi eside, kodwa kubonakala kukuhle nje, kimi, ukukhuluma nabantu.

98 Qaphelani, niyabo, imvelo yaKhe engenasono yezwakalisa lokho Ayeyikho. Yena, khona-ke, uma imvelo yaKhe engenasono,

uNkulunkulu wazizwakalisa qobo lwaKhe ngaleyomvelo engenasono, kukhombisa ukuthi imvelo yethu imbi. Futhi akunandaba ukuthi sizama kangakanani ukukucacamezela, noma sizama kangakanani ukukufunza ngezinye izinto, kuzofanele kungabi nasono njengoba ezaKhe yayinjalo, futhi khona-ke iZwi likaNkulunkulu lingagobhoza kukho.

99 Lokho akusho ukuphelela kuwe. Angeke ube yilokho. Kodwa, uyabo, ngisho abantu bakithi bayadeda esikweni lobungcwele. Siqala ukwehlisa imigoqo eminingi. Niyabo? Sifanele sifike kuleyondawo yokuvuma kwethu. Uyisibonelo sethu, futhi UnguMthwali wesono sethu. Futhi khona-ke uma sivuma ukuthi UnguMlamuli wethu, UyiNhlawulo yethu, khona-ke uma sisho lokho, khona-ke lokho kufanele kuMbonakalise emuva kithi. Futhi siyincwadi ebhaliwe, ingilazi yokubuka, ukuze abantu bengakwazi ukubona uKristu kithi. Futhi manje, uma bengakwazi, khona-ke si—si—sibheke kwenye into ethile futhi asibhekile kuYe. "Bhekani kuYe, nonke nina majukujuku omhlaba, futhi niphile." Indlela kuphela ongayenza. Isono sakhe . . .

100 Imvelo engenasono yezwakalisa iZwi likaNkulunkulu, kakhulu kakhulu, ukuthi Yena neZwi wayeMunye. Washo njalo. "Mina noBaba waMi siMunye. Ngenza njalo lokho okuthokozisayo. Mina noBaba siMunye nje." Wayephelele kakhulu emfanekisweni kaNkulunkulu kwaze kwathi Yena noNkulunkulu bezwakalisa into efanayo. Wayeyinyama, iNdodana, eyayizwakalisa ubuNkulunkulu bukaNkulunkulu. Ngakho-ke lokho kwaMenza ubuNkulunkulu kuMuntu, ukuze ahlenge umuntu. Niyabo? Yena neZwi baMunye. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama." Ngakho-ke, Yena neZwi baba munye, ukuthi iZwi belingezwakalisa futhi lingakhombisa ezweni leso Sibonelo salokho umuntu afanele abe yikho.

101 Futhi umuntu angeke abe yilokho kuye uqobo. Ayikho indlela yokukufundisa kukho. Akukho-ndlela yokukujoyina. Akukho-ndlela yokukubhaphathiza. Akukho-ndlela yokungenzi lutho kukho, kuphela ukukubulala.

102 Futhi makuzalwe kabusha, futhi iMvelo entsha ingene. Yileyondlela kuphela, bulala leyo mvelo yakho, ukuze ungahle ube . . . Bese kuthi-ke iZwi liba yinto ephilayo, Liyazizwakalisa nje qobo lwaLo ngawe. Niyabo? Khona-ke ubuka ngengilazi yokubuka, lapho abantu bekubona njengesibuko. Ngoba, uyazi, uNkulunkulu wenze indlela. Abantu ngeke bafunde iBhayibheli, ngakho-ke uNkulunkulu ukwenze iBhayibheli. Uyilo. Enikwenzayo, abantu bayanibuka.

103 UNkulunkulu wathumela izibuko zaKhe, ukusho kwaKhe—kwaKhe—kwaKhe okuzwakalisiwe kwaKhe uqobo kubaprofethi, ngoba iZwi lafika kubaprofethi. Futhi

bezwakalisa uNkulunkulu phakathi lapho, noma kunjalo, isiprofetho sabo uNkulunkulu abanika sona.

104 Futhi manje uNkulunkulu uzizwakalisa Yena uqobo ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu, njengoba Esingenisa njengabanesimo sobuntwana, futhi wabeka uMoya waKhe kithi, ekhala, "Abba, Baba." Niyabo? Noma, ngamanye amazwi, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami!" Niyabo? Khona-ke uMoya oNgcwele kithi, uMoya kaKristu uzwakalisa uJesu Kristu, futhi abantu bayakubuka. Niyabo?

105 Futhi lapho bebona ukuzenzisa nakho konke, akumangalisi, silahlekelwe aMandla ethu okuqina. Usawoti udumele.

106 O, ayikho enye imvelo engenza lokhu. Qhabo. Isizathu, Wayeyisimilo esiphelele esibunjiwe sikaNkulunkulu.

107 Ngokuba, kwakuyisimilo esiwile yonke imvelo eyayinaso. Bonke abantu babenesimilo esiwile. Ngisho yonke into eyayingaphansi komuntu yawa. Yonke into inesimilo esifayo.

108 Futhi Wayenesimilo esiphilayo, ngakho-ke Wasizwakalisa kuKristu, futhi Wakhokha intengo. Futhi ngakho-ke ngenxa yokulalela kwaKhe, WaMvusa ngosuku lwesithathu. Niyabo?

109 Futhi khona-ke Uyasinikeza. Lokho kusinikeza u—ubufakazi. Kusinikeza isiqiniseko, sokuthi, inqobo nje uma sikuYe, sesivele sivukile naYe. Asisoze sivuke noKristu; sesivele sivukile noKristu. Kunjalo. SikuKristu manje. Futhi uma uKristu evukile kwabafileyo, asivuswanga yini kwabafileyo kanye naye na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen. "Manje sihleli ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuYe." O, he! Lokho bekufanele kunenze nina maPresbyterian nimemeze. E-hhe. Ya. Impela. Imifanekiso kaNkulunkulu ezwakalisiwe, yabunjwa ngomfanekiso kaKristu, ukuze izwe likwazi ukuMbona kuwe. Leyo yingilazi yokubuka ukuba ubuke kuyo.

110 Ayikho enye imvelo ebingakwenza; yayiwile. Futhi uNkulunkulu wakhonjwa. Bukani. UNkulunkulu wazikhomba qobo lwaKhe njengoMuntu, futhi wazithathela Yena uqobo isimo sesono. Manje, awu, hhayi isono, kodwa isimo sesono, ukuthi esikhundleni salokho ukuthi Wayengahle athathe isono sesoni, niyabo, futhi akhokhe inhlawulo yaso, bese ebuyisela isoni ukuPhila esasinakho ngaphambi kokuwa. O, he! Uthando olunje uNkulunkulu aluzwakalisile kithi! Niyabo? Cabanga ngakho.

111 Futhi manje khumbulani, emva kokuba uJesu enza lokhu, lapho kungekho omunye umuntu obengakwenza, simenyiwe. Manje, bandla, cabangani ngalokhu umzuzu nje. Simenyiwe ukuba silolonge isimilo sethu uqobo sibe njengesaKhe, ngomusa waKhe. Siyamenywa, cabanga ngakho, ukuba yizimilo ezifana nesaKhe. Uma sikulungele ukubeka isimilo sethu phansi, nokubunjwa ebesinakho, "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abahlebi,

abangazithibi, abazonda labo abazama ukwenza okulungile, benesimo sokumesaba uNkulunkulu futhi bephika amandla eZwi." UNkulunkulu angeza kanjani endaweni enjalo, lapho beliphika iZwi na? Lapho, uyabuka phezu kweZwi laKhe, ukuLiqinisekisa, ukuLenza lifezeke. Futhi iZwi likhishelwa ngaphandle, Angazikhomba kanjani Yena uqobo nento efana naleyo na?

112 Sizofanele sithathe lonke, iVangeli eligcwele. Sifanele. Futhi manje, ngokuthi sizikhombe qobo lwethu njengabantu beVangeli eligcwele, asibumbe isimilo sethu. Simenyiwe ukuba sibunjwe ngomfanekiso waKhe, ukuze sizobonakalisa uBukhona baKhe. "Futhi imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza. IMpilo eNgiyiphilayo, kanjalo nani." Simenyiwe, nguNkulunkulu, ukuMthatha njengeSibonelo, futhi sivumele isimilo sethu sibunjwe njengesaKhe. Into enje pho! He!

113 Manje-ke, uma sivumela isimilo saKhe sibe kithi, khona-ke sesibe amadodana, ngokuba nomqondo kaKristu, umqondo, okuyisimilo saKhe. Ingqondo yakho yenza isimilo sakho. "Makuthi umqondo," kwasho uPawulu, "kaKristu, lomqondo owawukuKristu, ube kini." Mawube kini lowomqondo kaKristu ube kini. Ubumba isimilo sendodana kaNkulunkulu. Manje, kanjani . . .

114 Lalelani nje umzuzu. Singaba kanjani nomqondo kaKristu owawukuYe, bese-ke siphika izinto Asithume ukuba sizenze na? Singazibeka kanjani izimangaliso esikhathini esedlule, lapho Yena impela uKristu wayenguNkulunkulu, noNkulunkulu kuwe. EBukhoneni bukaNkulunkulu, kuhlale kunezimangaliso. Wathi, "NiNgibiza nithi 'Nkosi.' Kungani niNgibiza nge 'Nkosi,' futhi ningazenzi izinto eNginiyale ukuba nizenze, nginibekele ukuba nikwenze na?" Aniboni ukuthi sifike kuphi, lapho ibandla lishushumba khona na? Futhi ngikuthola kukuningi kakhulu phakathi kwamaPentecostal ethu, futhi. Siyashushumba kude kakhulu sisuka kulowo mgudu wokuPhila. Sifanele sibuyele kulokho, mngani, sibuye, ngoba siyakhula manje.

115 Ngiyabona lapho ukushicilelwa kweBusiness Men kungokukhulu ukwedlula konke, kakhulu mhlawumbe njengalokho u-Oral Roberts anakho. Futhi ngithola ukuthi uma sihamba ukuthola ukuba bakhulu, khona-ke siyahamba siziphathise okwabakhulu, niyabo, njengoba nje u-Israyeli enza. Futhi siqala ukuziphatha sengathi siqhathaniswa na—nabonke abanye. Khumbulani, "Ningabantu abahlukile. Niyisizwe esingcwele, ubupristi basebukhosini, abantu abayinqaba." Ngani, thina maPentecostal sithola ukuthi asisiyo inqaba ngaphezulu kwanoma ngubani ezweni lonke. Siyagqoka nje, siziphathe, sikhulume, sihambe senze izinto abazenzayo; sigijimele ekhaya, sibuke ithelevishini, esikhundleni sokuhlalela inkonzo; futhi nje izinto ezifanayo nje abazenzayo, ngakho.

Sizama ukuncintisana, sizama ukufana noJones. Niyabo? Asifuni ukwenza lokho.

116 Sifuna ukuba, senze leliBhayibheli ingilazi yethu yokubuka, futhi sizivumele thina qobo sibunjwe ngesimilo saKhe; sibe nesimilo saKhe, umqondo waKhe, sivumela umqondo owawukuKristu ube kithi. Umqondo waKhe wawuhlale njalo . . .

117 Wawuzokwenzenjani umqondo waKhe, umqondo owawukuKristu na? Ukuhlala njalo neZwi likaBaba. Akunandaba ukuthi yini ebukeka icwebezela, nokuthi yini ebukeka *ngale*ndlela, akwenzanga mehluko kuYe. IZwi likaBaba yilokho okubalwayo. Yonke indawo, ngenkathi Ehlangana nodeveli, Akazange ngisho asebenzise amandla aKhe ukumnqoba. Wasebenzisa iZwi, ngoba lowo kwakunguYe.

118 Sewake wacabanga yini? Akazange nhlobo alobe incwadi ngenkathi Wayesemhlabeni. Ngokwazi kwethu, Akazange nhlobo ngaphandle kwesikhathi esisodwa. Lokho kwakusesihlabathini. Kwase-ke kuyasulwa, mhlawumpe, kamuva. Kungani Engalobanga igama na? Ngoba WayeyiZwi. Niyabo? Wayephila iZwi. Asidingi izincwadi eziningi kakhulu, lapho uba yincwadi elotshiwe kaNkulunkulu. Niyabo? Niyabo? Yilokho uNkulunkulu afuna ube yikho, imifanekiso yaKhe.

119 Niyazi, ezweni labahedeni, ukuthi abahedeni basiphakamisa kanjani isithixo futhi bazilalisa kanjani ngaphambi kwesithixo, futhi bazisebenzele bona bangene emadlingozini anjalo baze bakholwe ukuthi bayasizwa lesosithixo sikhuluma sibaphendula. Kuyindaba yengqondo, kodwa kuphambene kanjani neQiniso likaNkulunkulu.

120 UNkulunkulu ufuna wena. Akasifuni isithixo. Wena ungumfanekiso ophilayo kaNkulunkulu. Futhi uzilalisa phambi kukaNkulunkulu, futhi Ukugcwalisa ngaYe, futhi uyaMzwakalisa njengengilazi yokubuka, iBandla laKhe.

121 Umehluko onje esinawo. Sifuna ukufana nePresbyterian, iMethodisti, futhi sithole ukuphakama kangako nje. Futhi yonke into ifanele ipholishwe futhi ibe yisitayela. Futhi sesithi nje asibe babi kanjalo. Niyabo? Niyabo? Sine . . . siyasuka kulowomugqa oshayiwe. Buyani, bandla. Ngiyanishisekela, ngoba ukuFika kweNkosi sekusondele. Makabe ngumfanekiso oveziwe, uzwakalisa Yena uqobo kini, ngoba Wayehlale enza ncamashi iZwi likaNkulunkulu.

122 Yilokho abaprofethi abakwenza, bonke. "IZwi leNkosi leza kubaprofethi." Futhi bazi kanjalo-ke ukuthi babenjalo. UMose, iZwi leNkosi lafika kuMose. Okuningi . . . iZwi leNkosi lafika kuNowa. IZwi leNkosi lafika kaDaniyeli. IZwi leNkosi lazizwakalisa qobo lwaLo ngabantwana bamaHeberu. Kwakuyini na? Ngenkathi amadoda, anoma yimuphi unyaka,

ethathe iZwi likaNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu walizwakalisa leloZwi kubo.

123 UNowa wayengumfanekiso nesibonakaliso sokwahlulela kukaNkulunkulu okuzayo, futhi wezwakalisa iZwi. Futhi ngokuhlala neZwi, iZwi elifanayo alizwakalisa, walahla izwe futhi wasindisa indlu yakhe uqobo.

124 UDaniyeli wayenenhloso enhliziyweni yakhe, wayengeke azingcolise nezwe. Futhi kwenzeni na? Kwasindisa impilo yakhe. Abantwana bamaHeberu, indlela efanayo.

125 Futhi wonke umuntu owake wakhonza uNkulunkulu, uba ngumfanekiso kaNkulunkulu, kwakunguNkulunkulu ezwakalisa iZwi laKhe uqobo ngabo. Ngoba, abantwana bamaHeberu bathi, "UNkulunkulu wethu uyakwazi ukusikhulula." Babengenaso isambulo sakho, kungengaphezu kwalokho. "Kodwa," bathi, "noma kunjalo, angeke sikhothamele umfanekiso wakho." Kwakuyini na? Babezwakalisa ukukholwa kwabo eZwini likaNkulunkulu. NoNkulunkulu ezizwakalisa qobo lwaKhe emuva futhi wabonakalisa, futhi WayeyiNdoda yesine abayibonile, kulesosibuko phakathi lapho. UNkulunkulu, ezizwakalisa qobo lwaKhe ngemifanekiso yaKhe ephilayo! O, he!

126 Manje asibuke e—esibukweni sikaNkulunkulu, iZwi, futhi sikhombe isimilo sethu samanje. Manje, ngingahle ngininicinze kancanyana.

127 Angeke ngithathe esinye isikhathi esiningi. O, he! Bengingazi ukuthi besekuhambe isikhathi kangako, ishumi nanhlanu ngemuva. Anginalo iwashi lapha.

128 Ngibuke elinye izolo ebusuku, futhi ngishumayele cishe amahora amabili. Ngicabangile, "He, sekuyihora lesikhombisa nje nqo. Ngenza kahle, ngithola ukufudumala nje." Futhi lapha besekugamenxe elesishiyagalolunye, isikhathi sokuyeka.

129 Qaphelani. Ngeke sihlale isikhathi esidanyana, noma kunjalo. Ake nje ngininike lokhu nje manje. Bukani. [Umfowethu uthi, "Shumayela uqhubeke."—Umhl.] Qaphelani. Ngiyabonga. Niyazi, lapho . . . [Ibandla lithi, "Amen."]

130 Ake sibone ukuthi singazikhomba yini qobo lwethu. Manje lalelani. Kutholisiseni lokhu, engikushoyo manje, isimilo sethu samanje. Ngizohamba kancane impela. Ngifuna kucwile ngokujulile ngempela manje, ngaphambi kokuba sivale. Ukuba benibiphile ezinsukwini zikaNowa . . . Manje, cabanga nje ngalokho oyikho. Thembeka kuwena uqobo. Isizathu, uma ungeke wethembeke kuwena uqobo, angeke uthembeke kuNkulunkulu.

131 Uma wawuphile ezinsukwini zikaNowa, futhi wawusesimweni sakho samanje, yiliphi iqembu obungakhonjwa nalo na? Manje cabanga ngakho. Yiliphi iqembu na?

132 Ngenkathi, nantu uhlanya oludala lumile phezulu lapho egqumeni, lokho kufakazelwe, kwaphinda phindwa, iminyaka eyikhulu namashumi amabili, ukuthi aluphilile engqondweni yalo, ngoba lubikezela ngokoqobo ukuthi kwakukhona amanzi ehlayo evela phezulu lapho. Futhi onke amathuluzi abo okwesayensi afakazisa ukuthi ayengekho lapho. Futhi ngoba akuhambisananga nezinto zabo zesayensi, uNkulunkulu uSomandla angake ayenze kanjani into eyayiphikisana nemicabango yabo uqobo na? Niyabo? Futhi indoda kwakukhulunywa ngayo. Yayiyinhlekisa yesikhathi.

133 Manje, ngiyazibuza. Ya. Buzani nje lokho, yiliphi iqembu obuyokhonjwa nalo na? Nombono odumile wosuku na?

134 O, wena uthi, "Ngi—ngiyasonta." Akusikho lokho engikhuluma ngakho. Babenenqwaba yamaqembu abamandla ngalolosuku, mhlawumpe ngaphezulu kunoma benawo manje.

135 Kodwa kwakukhona umuntu othize owayeno—nomyalezo ovela kuNkulunkulu. Kunjalo. Futhi wawungathandeki kakhulu. Iqembu lakhe lalingathandeki kakhulu, ngoba wayethathwa njengohlanya. Ubungakulungela yini ukuzikhomba naleloqembu elihlanyayo na?

136 Indlela kuphela oyoke ukwenze ngayo, bekungaba ukuthi Khona ngokwakho kwembulwe kuwe. Futhi benazi yini ukuthi yiyona ndlela kuphela uNkulunkulu akhe ngayo iBandla laKhe na?

137 Bukani ensimini yase-Edene, u-Abela wazi kanjani ukuthi kwakuyigazi esikhundleni se-apula na? O! Niyabo? Kwembulwa ngokomoya.

138 Futhi, bukani, ngenkathi uJesu wayelapha emhlabeni, Wathi, lesosikhathi esiqhamile esikhulu Ayekhuluma ngaso, "Abantu bathi Mina iNdodana yomuntu ingubani na?"

"Abanye babo bathi, ngani, Wena ungu 'Mose,' noma Ungu 'Jeremiya,' noma 'omunye wabaprofethi.'"

139 Wathi, "Kodwa Ngi—Ngiza ephuzwini ngqo. Nicabangani ngaYo na? Niyabo? Hhayi lokho omunye umuntu akushoyo manje, kodwa ngifuna ukwazi ukuthi nicabangani ngaYo na?"

140 Futhi kungalesosikhathi lapho uPetru akhuluma khona futhi wathi, "Wena unguKristu, indodana kaNkulunkulu ophilayo."

Manje bhekisisani indlela Akucaphune ngayo.

141 Manje, siyazi ukuthi ibandla eliKatolika, kungesikho ukulimaza imizwa yamaKatolika, kodwa nathi Walakhela phezu kukaPetru, ngokuba yidwala elincane. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi. Amasango esihogo awayikuLahlula." Niyabo? Manje, uma kunjalo, khona-ke ibandla lahlubuka. Niyabo? Manje, khona-ke, uma kwakunjalo, lakhiwa phezu komuntu.

142 Manje, iProtestane lithi Walakha phezu kwaKhe uqobo, okwakuyiTshe legumbi eliyiNhloko, iDwala. Futhi, lokho, lokho kunenqwaba yeQiniso kukho.

143 Kodwa ake nje ngiqathaze enye into kulokho, nje—nje ukukuqinisa kancanyanyana. Ngizophikisana nabo bobabili, ngokusho lokhu, ukuthi kwakungesikho ukuthi Wayekhuluma ngaYe uqobo, ngqo, kodwa ngokunokwenzeka Wayekhuluma ngaYe uqobo. Futhi akazange afake uPetru nhlobo ekuvumeni kwakhe ngakho.

144 Ngoba, bukani ukuthi Wathini, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Awukufunda lokhu ngesipiliyoni sasekholiji esithile, noma omunye umuntu akutshele ngakho. Kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulile lokhu kuwe."

145 Khona-ke, yisambulo sokomoya sokuthi uJesu Kristu Ungubani. Kunjalo impela. Futhi Wathi, "Phezu kwalelidwala, phezu kwalesisambulo sokomoya, ngiyakulakha iBandla laMi." Kukhombise ukuthi onke amasango esihogo azomelana nalo, kodwa awayikulahlula. Niyabo? "Ngizolakha iBandla laMi, namasango esihogo awayikulahlula ngokumelana naleliBandla."

146 Ngakho-ke, niyabo, uNowa wayenesambulo sokomoya. UNkulunkulu wayekhulume waqondisa kuye. U-Abela . . .

147 Ngenkathi uKayini enikela ngezithelo zensimu, njengama-apula nezithelo, nokunye nokunye, futhi wenza i-altare lakhe laba lihle, futhi wathi, "UNkulunkulu uzokwemukela lokhu ngoba ngikwenzile konke *lokhu*, futhi ngalungisa ama-altare amakhulu. Futhi ngihlobisile. Ngikwenze kwaba kuhle. Sinebandla elikhulu kunawo onke edolobheni, noma kanjalo njalo. UNkulunkulu uzolemukela, kulokhu." Wemukela umsebenzi ongengazandla zomuntu, ekuhlengweni.

148 Kodwa u-Abela waletha iwundlu futhi wanikela ngegazi, futhi uNkulunkulu wakufakazela ukuthi wayelungile. Wayekwazi kanjani lokho na? Kwakungekho-Zwi elilotshiwe ngalezozinsuku. Kwakuyisambulo, futhi kunjalo nanamuhla.

149 Wena uthi, "Awu, ngingowebandla. Ibandla lami lihle njengelakho. Omabili enziwe ngohlobo olufanayo lwesakhiwo, uhlobo olufanayo lwezimpahla." Kunjalo. Isakhiwo asihlanganise lutho nakho.

150 Inhlangano yiqembu lamadoda elihlangana ndawonye, lenze imiyalo eyishumi yalokho elikumele, futhi yilokho. Akukho lutho olumelene nalokho, lokho kulungile, kodwa lokho akusikho lokho engikhuluma ngakho. Nigqoka uhlobo olufanayo lwezingubo, mhlawumbe, uma behloniphekile, ayokwenzani amanye amakholwa, futhi namanje lokho akukwenzi.

151 Kodwa manje bukani lapha. Okuyikho, isambulo sokomoya seZwi likaNkulunkulu. Lokho, yonke enye into ayilungile ngaphandle kwaleloZwi, futhi niyaLikholwa. WayeyiZwi, futhi UyiZwi, futhi Uyohlala eyiZwi. Futhi lapho uNkulunkulu engavula lowomgudu, khona-ke Angagobhoza kalula ngalowomzimba ongcwelisiwe. Manje, manje, manje siyakuqaphela lokho.

152 Ukube nanikulolosuku, yiliphi iqembu ebeniyokhonjwa nalo; nomprofethi, neZwi eliqinisekisiwe, nakuba babekulabo abancane ngesibalo na? Noma, ubuyoba kulabobafo abanombono othandwa ngabantu na? "Awu, ngiyakutshela, ngiyakholwa ukuthi leyondoda iyahlanya." Futhi indlela kuphela obungake wazi ngayo ukuthi ibingahlanyi ngukuthi uNkulunkulu ofanayo akwembulele into efanayo Ayembula kuMose.

153 Futhi indlela kuphela esiyoke sikwazi ngayo ukuba yimifanekiso kaNkulunkulu, namadodana kaNkulunkulu, ngukuba uNkulunkulu asembulele, futhi azizwakalise qobo lwaKhe ngeZwi laKhe, kithi, nakithi ezweni. Yilowo mgudu kuphela. Ngokuba, uKristu wayenguMfanekiso lapha emhlabeni, owawungawubona, uNkulunkulu kumuntu, ezwakalisa uMfanekiso kaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wayekuYe kakhulu kangangokuthi babeMunye. Futhi manje ngenkathi uKristu ehamba, Wangcwelisa iBandla, ukuze iBandla lingahle lithathe indawo yaKhe futhi lizwakalise iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Yileyondlela kuphela okungenziwa ngayo. O, he!

154 Ubungaba nabafo abathandwa ngabantu ababenombono othandwa ngabantu na? "Uma nje ngingowebandla!" Futhi mhlawumbe, "Ngoba ngisine eMoyeni, ngikahle." Mhlawumbe, "Ngoba ngikhulumile ngezilimi, ngikahle." Noma mhlawumbe, "Sinomelusi olungile, futhi ngikahle." Manje, lezozinto zithembekile. Anginalutho engingalusho ngokumelana nalokho. Lelo yiQiniso.

155 Kodwa lelicebo lensindiso liyindaba yomuntu ngamunye nawe. Ukukhuluma ngezilimi kuyisiphiwo sikaNkulunkulu. Ukusina eMoyeni uBukhona neNkazimulo kaNkulunkulu. Kodwa wena ukuvumela isimilo sakho sibunjwe singene emfanekisweni kaNkulunkulu, ukuthi Uyaziveza qobo lwaKhe, futhi wena u—futhi wena uyisithixo saKhe, esihamba emhlabeni, umfanekiso waKhe oveziwe.

156 Manje, naniyovuma ukwenza lokho ngezinsuku zikaNowa na? Noma naniyoba ngasohlangothini olugxekayo, nigxeka bobabili umprofethi nomlayezo kaNkulunkulu othunyelwe wakhe na? Manje cabangani ngakho. Yiluphi uhlangothi obuyolucabanga, esimweni samanje sakho manje, ubuyoluthatha na? Manje yiba qotho. [UMfowethu Branham

uyakhwehlela—Umhl.] Uxolo. Asikho isidingo sami sokuzama ukukusho. Wena, ufanele ukucabange, ngokwakho.

157 Noma ngezinsuku zika-Elija, ngenkathi ekhuluma ngokwenele ngobuso obupendiwe, ne—nenenekazi lesimanje lehora, lowoJezebeli, ehlezi lapho ephendula ikhanda lomyeni wakhe nganoma iyiphi indlela ayelifuna lihambe ngayo? Futhi noma ngabe lalifuna noma qha, wayiphendula, noma kanjani. Nabashumayeli bonke bevuma, "Kulungile lokho. Niyabo, kulungile lokho, ngoba indlovukazi yethu!" Niyabo? Futhi bonke bawa kalula kakhulu bangena kuleyonkambiso.

158 Uma leso kungesona isithombe sanamuhla, angikaze ngisibone. Zonke lezizinto ezingasile abantu abazenzayo, futhi, nokho, eGameni likaKristu. Uma Wayenecala lakho konke lokho na? Akanacala lanoma yini kwakho. Wazi kanjani ukuthi kuphi lapho Yena . . .

IZwi liyakuzwakalisa. Ake silandele phansi imizuzu embalwa futhi sibuke.

159 Beniyoba sohlangothini olugxekayo na? Beniyoba sezansi lapho no-Elija, nimile lapho lapho u-Elija wayebonakala kunguyena yedwa, futhi wonke umuntu wayecabanga ukuthi uyinkungu endala noma okuthize na? Kodwa lokho akuzange kumkhathaze nakancane. WayeneZwi. Futhi wayeneZwi, futhi wayengesabi ngeZwi. Wayengethukile, ngaLo. Noma yimuphi umuntu onoMlayezo kaNkulunkulu akesabi lutho. Kunjalo.

160 UStefanu omdadlana usukuma ngalokho kusa ngaphambi kweSanhedrin, wathi, "Ngani, nina bontamo zilukhuni, eningasokile enhliziyweni nasezindlebeni, nimelana njalo noMoya oNgcwele. Njengoba kwenza oyihlo, nani nenza kanjalo."

161 IBhayibheli lathi, "Ubuso bakhe babufana neNgelosi." Angikholwa, kufana nelambu likagesi noma okuthize. INgelosi iyazi lapho imi khona. INgelosi ayesabi lutho. Iyisithunywa esivela kuNkulunkulu.

162 Futhi noma yimuphi umuntu onoMlayezo kaNkulunkulu uyazi ukuthi umi kuphi. Akanandaba namuntu, ukuthi bazothini ngaWo. Akukho babhishobhi noma lutho okunye okumphushayo ngapha nangapha. Uyazi ngqo ukuthi umi kuphi, futhi lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu uqinisekisa uMlayezo wakhe futhi afakazele ukuthi Uqinisile, ngakho-ke umi ngqo naWo. Akesabi. Lowo umfanekiso kaNkulunkulu oveziwe.

163 Yilokho uJesu akwenza. Wayengesabi ukuthi, "O, nina baFarisi abayizimpumputhe, yinina—yinina owakha amathuna abaprofethi, futhi yinina enabafaka phakathi lapho. Ningababakayihlo, udeveli," futhi ababhishobhi abakhulu nakho konke okunye. Wayengasabi, ngoba Wayazi ukuthi Wayekuphi. Yebo.

Ezinsukwini zika-Eliya, yiluphi uhlangothini ebeniyoluthatha na?

164 Noma, ngezinsuku zikaMose, ngenkathi kwakukhona umyalezo kaNkulunkulu, ukuqinisekisisa. Manje lalelani. Esimweni sakho samanje, wena uthi, "NgingumKristu." Kulungile. Ngizokubuza nje, isimilo sakho samanje, yikuphi ukuma obuyokuthatha na? Lapho, uDothani wavuka futhi wathi, "Manje awulinde nje umzuzu. Kunamadoda amaningi angcwele ngaphandle kwakho, Mose. Sizothola nje iqembu lamadoda futhi sizenzele udaba okukhulu lapha. Futhi into yokuqala niyazi, sizoba nababhishobhi nababhishobhi abakhulu, nakho konke okunye, ngalapha. Futhi uNkulunkulu ukubantu waKhe, yonke into. Ungacabangi ukuthi nguwe wedwa oyimbokojwana olwandle." Ngenkathi, uDathani wama lapho, wathi, "Ningalokothi nicabange lokho? Leyo ndoda ithatha okuningi kakhulu ezandleni zayo. Iyazama, isitshele ukuthi asenzeni. Ngani, ngesixuku sa—sabaningi lapho umkhandlu, kukhona—kukhona ukuphepha. Ngani, sonke kufanele sihlangane futhi sixazulule le nto." Kodwa kwakukhona umlayezo kaNkulunkulu, waqinisekisa umyalezo wakhe.

165 Asidingeki ukuthi sibuze omunye umuntu okuthize ngaloMyalezo esiwushumayelayo. Kulotshiwe lapha eBhayibhelini, futhi uNkulunkulu uyakufakazisa ukuthi lokho Kulungile. Ngakho-ke kungani ufanele uphume futhi uthi, "Manje, nina Katolika, sifanele senzenjani nga*lokhu*? Sizojoyina u—umKhandlu wamaBandla. Sizokuthola. Sizohlangana ndawonye nalabo bazalwane futhi sibone ukuthi bakhe kanjani amaqembu abo amakhulu." Thina bantu bepentecostal asikudingi lokho. Asidingi ukujoyina uMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Sidinga ukujoyina ibhendi yaseZulwini, amandla epentekoste, siphakanyiselwe ezindaweni zaseZulwini. Asizidingi lezozinto.

166 Kodwa, niyabo, yiluphi uhlangothi obuyoluthatha, esimweni sakho samanje, ukuba uDathani wayevukile futhi washo lokho, futhi ubukade umi lapho ngalesosikhathi na? Ubuyobambelela emlayezweni kaNkulunkulu nesithunywa, futhi uhlale ngakukho, futhi kuqinisekisisiwe ukuthi kuliQiniso na? Noma, ubuyothatha amaphepha akho—akho futhi uhambe uye ngale futhi ujoyine elinye iqembu na? O, lokho yi, niyabo, cabanga nje ngakho.

167 Lapho kwakubonakala konke sengathi kwakumelene nomlayezo kaNkulunkulu owawuqinisekisiwe nesithunywa salowonyaka, kwakunenkathazo kuMose. Yonke into yase ihambile, kubukeka sengathi uNkulunkulu wayemshiyile. Kodwa base bevele bebonile uNkulunkulu enza into ethize. Babazi ukuthi uNkulunkulu wayekukho.

168 Manje, noma, ngezinsuku zikaKristu . . . Sizosheshisa. Ezinsukwini zikaKristu, yiluphi uhlangothi obuyoluthatha, lapho onke amabandla amakhulu nosiyazi bezenkolo besimanje nothisha wayemelene naYe nemigomo yaKhe, nokuFundisa koMbhalo okungumqamula juqu na? Babemelene naWo. Uma ibandla lakho oya kulo lithi, "Lowomfo uluhlanya. Awu, akaze aphume emakholiji ethu. Asinarekhodi lakhe eya ezikoleni zethu. Akanalo ikhadi lenhlanganyelo. Akaphathi zincwadi esimchazayo. Ngakho-ke, umfo uyahlanya. Ungazihlanganisi ngalutho naLowo," ubuyokwenzani esimweni sakho samanje na? Kubuze nje umzuzu. Kulungile. Ubuyokwenzenjani na? Ukuba Yena . . .

169 Ukuba wawuphile ngalolosuku, futhi waba ngowase—se—seSanhedrin, futhi lokho kufana no—noMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Futhi ibandla lakho belihlangene kulokho, futhi bebeyothatha zonke lezizinto. Futhi loMuntu wavuka, futhi niMbone enza imisebenzi kaNkulunkulu, futhi akekho muntu owayengaMvimba. Nokho, Wayefanele abe "nguMuntu ohlanyayo, ekhanda laKhe." Wayengu . . .

170 Nkulunkulu ngithethelele ngalesisisho, kodwa Wayengomunye waba "yinqaba" bangalolosuku. Niyabo, ngenza lokho ukuze nizoqonda.

171 Ngani? Wayezalwa eZulwini. Isimilo saKhe sasingesaPhezulu. Akuzange—akuzange kuqondane nokuhlangana kwalokhu kuhlangana kwezwe. Niyabo? Wayengesilo lolohlobo lomuntu. Bekuyoma kuphi lapho wonke usiyazi wezenkolo, bonke othisha, bathi, "Wavelaphi loMuntu na? Asazi ngisho ukuthi Uvelaphi"?

172 Ngenkathi Ephilise indoda eyimpumputhe, bathi, "Ngani, asazi ukuthi loMuntu wavelaphi. Nikezani uNkulunkulu udumo. Asazi lutho ngaloMuntu. Wavelaphi na? Thina, asinakho okuqoshiwe ngaYe. Akekho ohlelweni lwethu. Akekho ebhodini lethu labaqondisi. Yena, Akekho ndawo. Akekho noyedwa wabo owazi utho ngaYe. Wavelaphi na?"

173 Indoda eyimpumputhe yathi, "Leyo yinto exakile, ukuthi iNdoda ingavula amehlo ami, futhi nokho anazi ukuthi Ivela kuphi. Futhi nifanele nibe abaholi balolusuku." Ya. Wathi, "Manje, noma ngabe Iyisoni noma qha, angeke ngakusho lokho. Angisiso isazi sezenkolo. Kodwa kukodwa engikwaziyo: lapho bengiyimpumputhe, sengiyabona manje." Yilokho-ke. Yilokho okusemqoka. Wayefuna ukubona. Yebo.

174 Kanjalo, bonke abesimodeni, bonke abafundisi beBhayibheli babemelene naYe neqiniso elisikayo leZwi elivela kuNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi Wayengoqavile ngokoqobo, anikholelwa, emfundisweni yaKhe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kodwa hhayi ngokwezikole zabo. ["Amen."] Ngabe lokho kungene kwacwila na? Sazi kanjani

ukuthi Wayeqavile na? Wababuza, "Ngubani ongangifakazela ngesono na? Hlolani imiBhalo. YiYo efakaza ngaMi. Iyanitshela ncamashi. Manje, uma Ngingenzi lokho umBhalo okushoyo, khona-ke uBaba akakuqinisekisi lokho ngaMi, khona-ke Ngiphoseni ngaphandle; Nginephutha." Yebo, mnumzane. Manje, sithola ukuthi babemelene naLokho, iZwi likaNkulunkulu leqiniso.

175 O, ngabe umumo wakho wamanje uyakukhomba kanye naYe, noma nalesosigejane esiphuphuthekile sabaFarisi na? Ngabe isimo sakho samanje, ubuyobambelela ezivumwenikholo zebandla lakho—lakho na? Ubuyobambelela kulo ngenxa yokuthi umelusi wakho waye, mhlawumbe, ubungathi, "Awu, ungumuntu olungile"? Angaba ngumuntu olungile futhi abe esalokhu eyimpumputhe. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Akashongo yini uJesu ukuthi, "Nina baholi abayimpumputhe bempumputhe"? ["Amen."]

176 Manje, esimweni sakho, cabanga nje manje, ubungenzani na? Ukhonjwa kuphi phakathi kwesixuku lapho na? Yimuphi umumo wakho wamanje na? Ubuyoba nomFarisi, "Awu, ngiyakutshela, umama wami usonta ku*leli* bandla, futhi leli lihle njenganoma yiliphi lawo. Ngizohlala nje khona lapha"? Niyabo?

177 Futhi uma ubone iZwi likaNkulunkulu liqinisekisiwe, LiyiQiniso, ngesithunywa, futhi nihlola imiBhalo futhi naLazi. Kodwa ihlelo—ihlelo lakho lathi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjengaleyo." Manje, ubungenzani esimweni sakho samanje na? Abaningi benu bakuzwakalisile.

178 Uma ubungasho enhliziyweni yakho manje, "Qhabo, angeke ngibe kanye nalabo baFarisi. Bengingeke ngikhonjwe kanye nabo," khona-ke uthini manje na? UmBhalo uthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uthini manje na? Wena uthi, "Bengingeke ngikhonjwe kanye nalabo baFarisi." Kuthiwani manje na? Niyazi, umlando uyaziphinda. Ngasika uphisi wephepha, ngolunye usuku, kulokho. AbaFarisi bangalolosuku bamelana naYe, ngenxa yokukhetha. Leyo yinto efanayo abayenzayo namuhla.

179 Khumbulani, uNikodemu washo into efanayo. Wathi, "Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi ovela kuNkulunkulu."

180 Kodwa ngenxa yokuthi izivumokholo zabo namahlelo ayengeke emukele umlayezo waKhe, khona-ke benqabela noma yimuphi omunye umuntu. Wathi, "Angeke ungene ngaphakathi, ngokwakho, futhi wena unqabela abanye ukuba bangene." Ya. Isimo esinje! Ngiyazibuza ukuthi besingazikhomba thina uqobo ngento enjengaleyo na?

181 Ukube ubuMlandelile ukuze nje ubone izimangaliso zaKhe, njengoba abaningi benzile, futhi ubuyoMlandela namuhla ebandleni, ukubona nje izimangaliso zaKhe nokuzungeza.

Kodwa ukubeka isandla sakho phansi, ukwemukela uMoya oNgcwele, ngokwakho, angeke ukwenze. Angeke bakwenze. Abaningi baMlandela ngenxa nje yezimangaliso zaKhe, ukuzibona. Kodwa ngenkathi Ehlala phansi eMfundisweni yangempela yomBhalo, isixuku sasuka kuYe.

182 Ngenkathi, babeMbona ephilisa abagulayo futhi evula amehlo. Futhi umuntu wayengathinta ingubo yaKhe, futhi Wayephenduka, abatshele lezozinto. Futhi atshele uFilipu noNathanayeli, nabo bonke laba, lezozinto. Kungani, owesifazane emthonjeni, nazo zonke lezizinto, ukuthi Wazikhomba qobo lwaKhe ukuba u—umprofethi uMose akhuluma ngaye, uKristu, uMesiya. Ngenkathi babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, khona-ke enkundleni kwedlula loJesu, efakazisa ukuthi Wayenguye, niyabo, ukuthi WayenguMesiya.

183 Abaningi babo babeMlandelile ngoba, ingxenye yokuqala yenkonzo yaKhe, Wahamba esuka ebandleni eya ebandleni. O, bameMukela ngokujabula, futhi baMnika isandla esikhulu. "O, Rabi, o, Ungumfo omkhulu!" Kodwa ngelinye ilanga Wahlala phansi neQiniso langokomBhalo. Futhi khona-ke ngenkathi Ezikhomba Yena uqobo, hhayi kuphela njengoMphilisi, kodwa njengo *thunywe evela kuNkulunkulu,* ngeQiniso nokuPhila, uma Ezikhomba qobo lwaKhe kuLokho, o, Lokho kwakumelene nesiko labo, ngisho nakwabaningi abaMlandela.

184 Abangamashumi ayisikhombisa baphenduka futhi bahamba. Wawuyokwenzani na? Manje, cabanga ngakho. Ngenkathi, uMuntu ombonile enza zona kanye izibonakaliso zikaMesiya, futhi wazi ukuthi uMesiya ubeza, futhi Wayeprofethile konke lokhu ukuba kwenzeke, ngisho kuJohane nabo, futhi Wayekuzwakalisile, kahle hle, futhi khona-ke uyaMlandela futhi ubone isibonakaliso esikhulu sikaMesiya, efakazisa ukuthi akekho komelusi ongamelana noMlayezo, nhlobo, futhi khona-ke, khona manjalo, Uyafika futhi afundise into ethize eyiZwi likaNkulunkulu ncamashi, kodwa ephambene nendlela yakho owafundiswa ngayo, khona-ke, ngabe uzobambelela esikweni lakho na? Uyohamba nabangamashumi ayisikhombisa na? O, umBhalo, iZwi elingumqamula-juqu! Ubuyohamba nabangamashumi ayisikhombisa na?

185 Noma—noma, ningakubona manje ukukhonjwa kwenu, lapho ebeningama khona na? Manje cabangani ngokujulile, ngobuqotho. Beniyoma kuphi manje, ngesimo senu samanje na? Lapho, yiliphi iqembu obuyokhonjwa kulo, lapho na? Noma, ubungazikhomba ngokwakho na? Ngokushesha nje manje. Ungazikhomba nalokho na?

186 Ngizokhuluma nezinganyana lapha, injejana. Ungazikhomba qobo lwakho namuhla, njajana, njengekholwa elizishoyo, njengombusi osemncane oyisicebi, uhlobo luka-

Elvis Presley oluthanda izinjabulo zezwe ngaphezu kokuthanda ukulandela uKristu na? Ubuyozikhomba naleliqembu losuku lwamanje, futhi, uthi, awu, njengalo Mnu. Presley na? Njengoba ngiqonda, uyiPentecostal. Futhi iPentecostal, ukuphuma nokuziphatha kanjalo, uyiPentecostal ngegama kuphela. Kimina, ngomunye uJuda.

187 UPat Boone nalabobantu abazisho ukuthi bayakholwa, naleyomiculo yokuzibinya nokutshikiza, nenhlamba yezwe, bese-ke ezisho ukuthi ubuKristu. Ngani, kuyihlazo. Kubi ukwedlula ugweva. Kubi ukwedlula—ukwedlula isifebe emgwaqweni. UNkulunkulu ubeyohlonipha isifebe kangcono kunalokho.

188 U-Ernie Ford nabo bama ubusuku bonke, lokhu kubanga umsindo nakho konke, nokuqhubeka, nezingalo zigaxe abesifazane, labo abakhanukisayo ngokocansi nakho konke, bese-ke bephuma futhi bacule amahubo. Kuyilapho usuthengise khona ngobuzibulo bakho. Ungazikhomba kanjani na?

189 Leyonjajana esencane yayibe. . . Yayiyindoda eyisicebi. Yayinethuba. Iyi, yayingahle ibe, ngusomabhizinisi ongumKristu, nayo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ibandla.

190 Manje, njejana, ubuyokwenzani ngalokho na? Lapho, uzama ukuziphatha njengoMarilyn Monroe noma abanye balabo abanye, noma abanye besifazane njengenenekazi lokuqala lezwe, ngalaba lapha lonke uhlobo lokuqhubeka, nalokhu kugunda izinwele, no—nobuzipenda ebusweni, nalezi ezibambanayo, izingubo ezikhanukisayo ngokocansi. Na—nani madoda, niyabadedela bakwenze!

191 Nani belusi, eniveza isibindi ukukukhuza kusuka epulpiti, futhi! Kulungile. Kulungile. Kunjalo. Ya. Kunjalo. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Manje, umzuzu nje. Lalela. Kunjalo.

192 Kodwa izikhathi eziningi nina belusi enibanikwe nguNkulunkulu abazokusola, futhi noma kunjalo awusoze wahambisana neZwi. Manje lalela, siyathola, thatha, hamba ngenye indlela, futhi. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Kunjalo. Yini engiyibeka phambi kwakho na? "O," uthi, "ba . . ." Ngazi kangcono kunalokho. Ngedlulile, qobo lwami, ePhoenix, okweminyaka eyishumi nanhlanu edlule, futhi kubonakala kufana njengoba kwakuhlale kwenza, kuphela kuya ngokuba kubi kakhulu. Ngakho-ke ningakubeki konke kumelusi. E-hhe. Asisho nje ukuthi sonke sinecala, futhi sisukume lapho bese sizibuka engilazini. Ya.

193 Injejane, kuthiwani ngalokho na? Uyazithanda izindumiso zalabo bantu ngaphezu kokuba uthanda i—isimemo osinikezayo, ukubumba isimilo sakho singene emfanekisweni weNdodana kaNkulunkulu na? Kuthiwani ngakho na? Singakwenza kanjani

na? O, he! Ungazibona qobo lwakho ukhonjiwe, ungothanda ukuthandwa ngabantu na? Kunganjani . . .

194 Manje, ngehlela ezansi ekhaya ukusondela kancane nje manje. Kanjani ngani maPentecostal enazi kangcono ngempela na? Kunjalo. Wazi kangcono kunalokho. Wazi kangcono.

195 Ngakho-ke, khumbulani lombusi osemncane oyisicebi ukukhonjwa kokugcina. Wayesesihogweni, ebuka phezulu endodeni eyayiphile kahle, ecela amanzi. Kodwa wayewele lowo mhosha omkhulu ngaphandle kokwamukela amandla kaNkulunkulu ukumbuyisela emuva. Futhi wayelapho, futhi nokho nango lapho ekhona kulobubusuku, futhi yena uyohlala kanjalo njalo. Kulungile. Lokho ukukhonjwa kwakhe kokugcina.

196 Ngakho-ke, ungazikhombi nendlovukazi ethile yocansi ethandwa ngabantu. Noma, ungazikhombi nomunye walaba lapha u-Elvis Presley onechopho eliyisicaba, eqhubeka phandle lapha nomculo wokuzibinya nokutshikiza, futhi uzibize ngomKristu; noma uPat Boone othile, ngoba unesigingci futhi ungathi qekelele futhi uziphathe ngobuwula ngakho.

Makuthi uKristu azibonakalise Yena uqobo kuwe. Kunjalo.

197 AmaPentecostal, namuhla, ukuqhela eZwini likaNkulunkulu.

198 Wena ngabe uzikhomba neqembu likaJuda na? Khumbula, uJuda waqala ukuphuma, ukuba ahambe naYe. Manje, uma lokhu kulimaza, angiqondile ukulimaza, kodwa ngiqonde ukuncinza kanzima ngqo. Niyabo? Ya. UJuda waqala ngonyawo olukahle. Waqala ukuphuma, ukuba ahambe naYe. Kodwa lapho efika ekubeni . . . uthola imadlana ezandleni zakhe! E-hhe.

199 Ngiyazibuza uma lokho kungasetshenziswa ePentekoste na? Lapho sisuka ekhoneni lomgwaqo, futhi ngaphandle kwemishini encane endleleni engumhume, futhi khona-ke sifanele sibe nemali encane. Futhi ngiyacabanga u kuthi ukuhamba kwethu akunakho yini ukusonteka okuncane. Lapho sinesigejane se . . . Mhlawumbe isigejane sabantu singena lapho, sithi, "O, awu, *lokhu*," kukhuluma ngamalungu. Namuhla, konke okufunayo amalungu, amalungu.

200 UNkulunkulu akabheki amalungu. Uzingela isimilo, ukuthi Angabeka iZwi laKhe kumuntu othile ozoMkholwa. Njengoba ngasho, ngobunye ubusuku, U-Eliyeza wajuluka ngakho waze wathola isimilo somlobokazi. Khona-ke wadingeka enze ukuma ngqi kwakhe, ukuze alungise kahle ingubo yakhe, ukuhlangana nalowo ababekhuluma ngaye. Niyabo? Ngani, uma uthola isimilo, angeke ubagqokise kahle. Abakwazi. E-hhe. Kulungile.

201 Qaphelani manje, iPentecostal yesimodeni. Manje, manje, sikhulumile nePresbyterian, iKatolika, kodwa ngizokhuluma ngamaPentecostal manje, ngoba siya ngapha ukumela okuthize.

Niyabo? IPentekoste, akuyona yini into exakile, ukuthi, amaPentecostal kulonyaka wesimodeni lowo iBhayibheli eliwubikezelayo uzoba njengeLawodikeya na? ILawodikeya. Kukhona uthisha ongumGreki ohlezi lapha, ongilalele. I*Lawodikeya* lichaza "owesifazane." ILawodikeya igama lowesifazane, ngesiGreki. Akukho nelilodwa lawo ibandla elimelelwe ngalelogama. Kodwa manje ngowesifazane, uJezebeli. Kunjalo. "Futhi sicebile. Asidingi lutho." Kodwa anazi ukuthi si "hamba-ze, siphuphuthekile, silusizi," saphuma eNdleleni. Yini esiyenzile na? Sicoshe amanye amagugu, mhlawumbe, njengoba kwenza uJuda, niyabo, khona-ke asibange sisahamba naLo. Sithengisile, ngenzuzo yomuntu siqu sakhe, abantu abaningi bayakwenza lokho. Amahlelo amaningi kakhulu ayaxegisa phezu kweZwi, ukuze athole amalungu amaningi, ukuzuza komuntu siqu sakhe; enza noma yini.

202 Makuthi umelusi othize angene emphakathini futhi akhe umsebenzi omuhle. Futhi khona-ke banomhlangano, umhlangano jikelele ndawo ndawo, futhi bakhipha lowomfo, futhi bathathe isilwane esincane esingumngane uRicky omncane futhi bamfake phakathi lapho, futhi kuhlakaza izimvu kuphela. Uma uNkulunkulu ebeka umuntu phakathi lapho . . . Kodwa, o, benza lokho ezinkomfeni, izikhathi eziningi; babeka icala, bathumele umfowethu ompofu aye kude, futhi lokho ngempela kwakhe umsebenzi. Khona-ke, abazi ukuthi bephula intamo yabo uqobo ngokwenza njalo, futhi balimaza ibandla.

203 Bathengisile, ukuthandwa ngabantu, umbono womuntu siqu sakhe, ukuzuza, ukuzizuzela siqu sakho, amabandla amakhulu, amahlelo amakhulu. "Iqembu lethu likhulu kunawo wonke awenu." O, yileyondlela. AmaBaptisti ayenesiqubulo esithi, "Esinye isigidi ngo '44." Kodwa unani na?

204 Ngathi, ngobunye ubusuku, "Ukuvuma; amatshe awukuvuma." Lisiza ngani itshe ngaphandle kombanzi wamatshe ngeNkemba kaNkulunkulu ebukhali esika nhlangothi zombili, ukuwabumba nokuwasika abe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu na? Yebo.

205 Wenzani uJuda na? Wenzeni na? Niyawukhumbula umumo wakhe wokugcina. O, wenzeni na? Wangabaza ukuzisho kukaKristu, ngemuva kokuba eseqale ukuhamba naYe. Pentecostal, ningalokothi nikwenze lokho. Business Men, ningalokothi nikwenze lokho. Ungakungabazi ukuzisho kwaKhe. Unguye izolo, namuhla, naphakade. UJuda wakungabaza ukuzisho kwaKhe, futhi waba ngothandwa ngabantu kakhulu futhi waKuthengisa. Isimilo sikaJuda sambangela ukuba aMthengise, kubagxeki baKhe.

206 Futhi namhlanje into efanayo iyenzeka. Izikhathi eziningi isimilo esisivumela sibunjelwe kuso, siyasithengisa, eminakweni yezwe, kubantu abazogxeka. Yona kanye into iPentekoste

eyaphuma kuyo, ibuyela emuva ngqo ingene kuyo futhi, ngokwezwe nje cishe impela njengoba nje babenjalo endaweni yokuqala. Niyabo? Kuyini na? Siyehluleka ukuvumela ukuPhila kwaKhe kubonakale kithina.

207 Noma, ngabe uzithola ukhonjwa kubafundi baKhe beqiniso na? Amen. Yilapho esifuna ukuba khona, sibe qiniso kuYe, sibe neqiniso eZwini laKhe. Ukuvinjelwa, ebusweni babagxeki! Amen. Yilapho ozithola ukhonjwe khona kulobubusuku na? Ngiyayibonga Nkosi. Amen. Ukuvumela ukuPhila kukaKristu kugeleze ngabo! Yebo, mnumzane. Babengcwelisiwe ngokuza kwaKhe. Futhi umuntu oyisoni, ngaphezu kokuvuma... Futhi ukungcweliswa kwakubahlanzile, futhi izinhliziyo zabo zazigxile kakhulu kuNkulunkulu kwaze kwathi uKristu wazithululela qobo lwaKhe kubo futhi wabonakalisa uBukhona baKhe ezweni. Ebusweni babagxeki, bama njengoba Enza. Bama ngokwethembeka eZwini, kwaze kwathi ngisho oyedwa wathi, "Kusele kancane ungivumise ngibe ngumKristu," omunye wabakhe... abagxeki.

208 Ungazikhomba wena noPetru ngoSuku lwePhentekoste na? Ungazikhomba lapho eZenzweni 2 na?

209 Lapho, abantu bathi, namhlanje, "UMoya oNgcwele wanikwa kuphela abaphostoli abayishumi nambili."

210 Ungazikhomba wena noPetru, ngenkathi ethi, "Phendukani, yilowo nalowo kini, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oyiNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakubo abakude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza"? Lo Moya oNgcwele ofanayo!

211 Ngabe uzikhomba naYe lapho ngalolosuku na? "Ngimi nawe, Petru. Yebo, mnumzane. Phezu kwezimfundiso zakho eziqavile zomBhalo, ngimi lapho. Ngifuna impilo yami ukuba ibonakalise umBhalo, njengoba neyakho yenza lapho, ngenkathi izinkulungwane ezintathu yahlabeka ezinhliziyweni zabo."

212 Ngenkathi bebona isibindi sabo, ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, bazi ukuthi babekade benoJesu. BabeneZwi, futhi bayazi ukuthi iZwi laliphila ngqo kubo. Futhi babesaba ukuphazamisana naleloZwi likaNkulunkulu, ngoba babengabamele leloZwi, nokuphila okunjalo, ukuthi uNkulunkulu ubengazibonakalisa qobo lwaKhe kwedlule ngqo.

213 Watshela indoda, "Isiliva negolide anginalo. Anginazo izakhiwo ezinkulu nezinto ezinkulu kakhulu. Enginakho, ngizokunika khona. EGameni likaJesu Kristu, yima ngezinyawo zakho." "Enginakho!" Wayefanele abe nokuthile ngaphambi kokuba anikezele ngakho. Amen. O, he!

214 Ukubona iZwi ukuthi liyefana kuze kube phakade naphakade, sonke isizukulwane, bonke labo uNkulunkulu ababizayo uzobona ukubonakaliswa.

215 Noma, noPawulu, ngenkathi othandwa ngabantu, uDema othanda izwe wamshiya, ngenxa yobuKristu bakhe, ababizwa kanjalo, abazalwane bombono othandwa ngabantu. Lapho uPawulu wayemi eZwini, "UDema wamshiya, uthando... ethanda lelizwe lamanje." Makuthi yena, ngenxa yokuthi wayeneqiniso eZwini. Kwakuqinile kakhulu kuye. Ubani oyohamba naye, uDema, noma ubuyohamba noPawulu na? Hlola iZwi. Yiluphi uhlangothi obuyoluthatha esimeni sakho samanje ngalesosikhathi na? Nokho, labo babezisho ukuthi bangamaKristu.

UPawulu wathi, "Bonke abantu bangishiyile." Umfo omncane bandla!

216 Ngangihlala ngishaywa wuvalo ngoDr. Ern uBaxter. Wathi, "Uyazi, lapho ngikhuphukela eZulwini, into yokuqala engizoyenza na?"

Ngathi, "Yini, Mfowethu Ern na?"

217 Wathi, "Ngiyohamba ngikhuphukele kuDema futhi ngimshaye ngempama ebusweni ngamandla ami onke."

Ngathi, "Manje, Ern."

218 Wathi, "Ngizothi, 'Wamshiyelani uPawulu ezansi lapho kanjalo na?'"

219 Ngathi, "Ucabanga ukuthi ngempela yena uzoba Lapho, Ern na?" Ngathi, "Qaphela ngesifiso sakho sokumshaya ngempama ebusweni." Ngathi, "Bengingeke ngifune ukuba lapho ayekhona, mhlawumbe, niyabo, ngifanele ngenze lokho."

220 Njengoba kwasho umphikinkolo, wathi entombazaneni encane. Wathi, "Uyalikholwa lelo Bhayibheli na?"

Yathi, "Impela."

221 Wathi, "Ngiyacabanga uyayikholwa leyondaba ngoJona, umkhomo ugwinya uJona."

Yathi, "Ngokusobala."

Wathi, "Uzokufakazisa kanjani, uma kungenjalo ngokukholwa na?"

Yathi, "Lapho ngifika eZulwini, ngiyombuza uJona." Kunjalo.

Wathi, "Uma-ke uJona engekho Lapho na?"

222 Yathi, "Khona-ke wena uyombuza." Ngakho-ke ngiyacabanga ukuthi lokho kuyakuxazulula. Niyabo? Yebo, mnumzane. Ubeyofanele ambuze. Ngakho-ke, niyabo, khona-ke, lokho kuyakuxazulula.

223 Ngiyakholwa, khona-ke, uma washiya uPawulu futhi washiya iZwi, wenza into efanayo uJuda ayenza. Yebo, mnumzane. Yiluphi uhlangothi ubuyoluthatha, kuleyondawo na? Manje lalelani, maPentecostal. Yiluphi uhlangothi ebeniyoluthatha na? Kade ngihhala lamaPresbyterian, nokunye nokunye, manje yini obuzoyithatha na? Yiluphi uhlangothi obuzoluthatha lapha na?

224 Noma, ake nginibuze enye into futhi. Lokhu kungahle kulimaze kancanyana, kodwa ngifuna ukunibuza okuthize. Ngenkathi, udaba luqubuka ebandleni laseKorinte, mayelana nabashumayeli besifazane; nabo bephungula izinwele zabo, abesifazane. Futhi udaba luyaqubuka, futhi uPawulu wathatha isimo, ukuthi, "Abafanele benziwe abashumayeli." UPawulu wathatha isimo, ukuthi, "Owesifazane, ogunda izinwele zakhe, uhlazisa umyeni wakhe, futhi akafanele ngisho abonakale ekhuleka emphakathini." Ini, esimweni sakho samanje, yiluphi udaba obuyoluthatha na? Manje bukani engilazini. Kungcono ngikuyeke lokho. Ngifuna ubuke esimweni sakho samanje. Iyiphi ingxenye eyayi . . . Ini, kuphi na? Ini, kuphi na? Ubuka kuphi manje na? Yini oyibukayo na?

225 UPawulu wayebonakalisa uKristu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla ithi, "Amen."—Umhl.] Impela.

226 "Pawulu," wena uthi, "o," owesifazane wangitshela, wathi, "wayengozonda abesifazane nje omdala."

227 UPawulu washo, futhi—futhi ngale kwabaseGalathiya 1:8, "Uma iNgelosi evela eZulwini ifika futhi ishumayele noma yini enye into kunalena, kini, maYibe ngeqalekisiwe." Kunjalo. Kunjalo. Manje, yini . . .

228 Ubonakalisa kuphi manje na? E-hhe. Ungathathi uhlangothi oluthandwa ngabantu. Thatha uhlangothi lweZwi. E-hhe. O! Yebo, mnumzane. "Mshiye."

Futhi lapho udaba luqubuka, ngani, uPawulu wama.

Futhi babhala, bathi, "UMoya oNgcwele usitshele ukuthi sikwenze."

229 Wathi, "Ini? IZwi likaNkulunkulu laphuma kuwe, noma laphuma kuwe kuphela na? Uma noma yimuphi umuntu ecabanga ukuthi ungowomoya noma—noma umprofethi, uyovuma ukuthi izinto engizibhalayo ziyimiyalo yeNkosi." Kwakuyini na? Wayehlala neZwi. Amen.

230 Manje, uhlala kuphi na? Lokho kukuwe manje. Thola nje indawo yakho. Kulungile. Yebo, mnumzane.

231 Lapho kwama uPawulu, ngokuba—ngokuba . . . kusukela esikhundleni ayenaso. Khumbulani, uPawulu, ukwenza lokhu . . . Manje, lindani. Ake nginikeze okuthize okunye ngaphambi kokuthi sihambe. UPawulu, ngaphambi kokuthi

enze lokhu, kwakudingeka ashiye isikhundla esiphakeme ayenaso ebandleni losuku lwakhe, ukuba ahlale neZwi.

232 Manje, uma ubuka kuPawulu, kuthiwani ngawe, lapho ibandla lakho lifundisa okuphambene kuLo na? Kuthiwani ngawe, melusi, mfundisi, lunga nje lebandla na? Impela.

233 Wenzani yena na? Wayezodingeka athathe lesisikhundla ukuze leNzalo ingakwazi ukukhula, iMbewu yokuPhila okuPhakade. Wayengaphambene. Wathi, "Kunjalo nje, kusho umthetho." Kunjalo. Wayenge . . . Wahlala ngqo neZwi. Futhi ukwenza lokho, wayezofanele ashiye ibandla lakhe lomthetho, ukukwenza. Ukugcina iZwi lokuPhila likhula, wayezodingeka enze lokhu.

234 UDema nabo bonke, bathi, "O, ungahle futhi uze. Uqhubeke, Pawulu, awuna . . ."

235 Kodwa uPawulu wama khona lapho naleloZwi. Lowo ompofu, iJuda elinekhala elincane eliyihhuku, ngifuna ukumbona ngaloloSuku. Ngifuna ukuma lapho, ngimbheke efaka lowo mqhele womfelokholo lapho ekhuphuka. Ngifuna ukubona lapho, futhi ngithi, "Udumo! Haleluya! Pawulu!" Amen. Yebo, mnumzane. "Hlala eZwini! Ngiyajabula, Pawulu." Ngakho-ke, ngisize, Nkulunkulu. Angihlale endaweni efanayo. Yebo, mnumzane. Yebo.

236 Embonweni engiwubonile esikhathini esingeside esedlule, walabo bantu phezulu lapho, ngabuza umbuzo. Ufundeni kwi—kwidigest, odatshaneni lwamadoda eBusiness Men. Bathi . . . Awu, ngathi, "Ngabe uPawulu uyodingeka na?"

Bathi, "Yebo, mnumzane."

237 Ngathi, "Ngime eNtweni efanayo ayenza." Yebo, mnumzane. Hlala, entweni efanayo.

238 UMose kwadingeka akhothame esihlalweni sobukhosi, ukuthatha iZwi likaNkulunkulu. Washiya isihlalo sobukhosi. Kunjalo. Wayeyindlalifa esihlalweni sobukhosi. "Futhi washiya izinjabulo zokuba nguFaro, ngokuba wathi ukuthukwa ngenxa kaKristu ingcebo enkulu kunezingcebo yaseGibhithe."

239 Wena uthi, "Awu, ngiyakutshela. Abesifazane bonke bazongihleka. Abantu bazocabanga . . ." Angikhathali ukuthi bacabangani. Kunjalo.

240 UPawulu wakhothama. UMose wakhothama esesihlalweni sobukhosi. Nginomugqa wabo obhalwe phansi lapha, uthatha amakhasi amathathu. Kepha ake nginitshele okuthile, nginisize, masinyane.

241 UJesu wakhothama eseZulwini, ukuzibonakalisa qobo lwaKhe esimeni senyama enesono. (Futhi ungubani, noma ngingubani na?) Ukwenza i . . . ukusenzela indlela yokubonakalisa uNkulunkulu, ukwenza indlela yokuzibonakalisa qobo lwaKhe kithi, ngokusingcweliswa

eZwini laKhe. Ngokuba iZwi laKhe liyasho, ukuthi, ngenkathi Enze kanjalo, ukuze sizobonakalisa iZwi laKhe.

242 KuJohane 14:12, Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Ngani na? KwakunguKristu, ebonakalisa. "Kuseyisikhashana nezwe ngeke lisaNgibona. Nokho, niyoNgibona nina, ngokuba Mina . . ." ("Mina," isabizwana somuntu.) " . . . kuba nani, ngibe kini, niyabo, konke kuze kube sekupheleni kwezwe." O!

243 "Uma noma ngubani ezoNgilandela, makazidele. Makadele isivumokholo sakhe esenziwe ngumuntu, athabathe iBhayibheli lakhe futhi aNgilandele." Kunjalo. Yebo, mnumzane.

244 Khona-ke, ukhonjwe ndawo ndawo emBhalweni. Akungabazeki, ngizodingeka ngivale. Ukhonjwe ndawo ndawo emBhalweni. Uyakwazi lokho. Ngamunye wethu, sibona inkomba yethu.

245 Bandla, siya ngapha e—embuthanweni obukade uhlelelwe unyaka. Amabandla kade ekhuleka. Abantu kade bezila ukudla. Ngithulule inhliziyo yami, iviki lonke, phansi naphezulu kulesisigodi, kuwo wonke umfantu omncane nekhona engingangena kuwo, ngizama okwami okwedlula konke ukunexwayisa ngokuFika kweNkosi. Futhi nakhu lapho sikhona, ngaphambi nje kwalesisikhathi lapha. Futhi asizikhombe qobo lwethu manje, ukuhamba ngaleya, ukumela, noma ukubonakalisa uJesu Kristu.

246 Ngabe sizozikhomba qobo lwethu nokugudwa kwezinwele okusha na? Sizozikhomba qobo lwethu nokuthi singagqoka ngokufekethisiwe kanjani na? Besiyozikhomba qobo lwethu nokuthi singama kanjani singothandwa ngabantu futhi sikhulume, sinemfundo engakanani na? Ngenkathi, uPawulu ethi, "Lezozinto, wayezodingeka azikhohlwe, ukuze ezokwazi uKristu."

247 Ngabe sikhomba ipentekoste na? Ngabe thina na? Ini, lapho sizithola sibonakalisa ini na?

248 Yini esiyibonakalisayo, empeleni, uma nje sinomsindo omningi, futhi singamemeza futhi sidlale, futhi sigxume phansi naphezulu na? O, ngibabonile abakaMohamedi benza lokho. Ngizibonile izinkawu zenza lokho.

249 Angiphawuli. Angiqondile lokho, ukwenza ihlaya. *Lena* akusiyona indawo yokwenza ihlaya. Leli yiZwi likaNkulunkulu. Niyabo?

250 Kodwa ngizibonile izilwane zigxuma, zidlala, onogwaja. Lokho akusho lutho. Impela qha. Uyajabula. Noma yini ingakujabulisa, noma yini othola ukuyiqonda kancane. Ngizibonile izoni zidakwe kakhulu, futhi zijabule kakhulu! Impela. Lokho akusho lutho.

251 Kodwa ivelaphi leyonjabulo na? Imuphi umthombo na? Lenza kanjani kuwe na? Libonisa ini na? Othile uzophika iZwi likaNkulunkulu; umuntu othize uzophila ezweni; othize uzozwa iQiniso futhi asuke ahambe kuLo; bathengise ngobuzibulo babo, ngento ethize enye na?

252 O, Nkulunkulu sisize, mfowethu, dade, sisize sibuyele emuva futhi sivumele uKristu azibonakalise qobo lwaKhe, futhi, kithina, kanjalo. O, he! Kwangathi uNkulunkulu angasisiza ukuba sikhonjwe kuYe, kakhulu kangako, ukuthi iZwi laKhe noBukhona baKhe bungageleza kithi, ukuzikhomba qobo lwaKhe ezweni, amen, ngalokho esibhekana nakho.

253 Okunye futhi ukuphawula, ngiyavala. Lalelisisani. IGoldsmith manje imi ngomumo.

254 Niyazi, amagugu atholakala emhlabeni, izinto eziphathekayo esizishaya ndawonye. Kodwa, niyazi, uma uthola kulokho, okuthile okuxubene nakho, leso sigaxa onaso sizohlakazeka. Iketango aliqinile ukwedlula ihhuku lalo elibuthakathaka kunalo lonke.

255 Ngakho-ke, uma uzama ukuba yitshe elisikwe laphuma kuNkulunkulu, impahla ethile yokwakha, futhi uthola ukuthi uzama ukuzenza ube mkhulu kakhulu, futhi phakathi kwalapho ubuzodingeka ukucindezela izwe lingene kukho, lelotshe lizoqhephuka. Angeke likumele ukuvivinywa. Futhi, lalelani, uNkulunkulu angeke asamukele, bantu bePentecostal, lapho sijovela izimfundiso nayo yonke enye into eZwini likaNkulunkulu. Kuzo . . . uNkulunkulu uzolenqaba itshe futhi alikhahlelele ngale kolunye uhlangothi. Asingafuni izinto ezinkulu.

Asifune uKristu empilweni yethu. Asifune ukuthobeka. Niyabo?

256 Khumbulani, uma itshe lilikhulu, futhi uzama ukwelula, yilokho engesaba ukuthi sizama ukukwenza. Yileyo nkulumo engiyitholayo naleBusiness Men. Kubonakala sengathi bashiya ngokukhula into ethize. Futhi ngi—ngi . . . Yingalesosizathu ngikuzonda uku . . . ngi—ngi—ngiyathanda ukuthembeka kini, bazalwane. Ngizodingeka ngihlangane nani ngaleya ekwahlulelweni ngolunye usuku. Yingalesosizathu ibandla licabanga ukuthi ngimelene nebandla. Angimelene nebandla. Ngi . . .

257 Kungani bengiyozikhomba lapha kanye nani na? Uma ngicabange ukuthi iBaptisti ibiqinisile, iMethodisti ibiqinisile, iPresbyterian ibiqinisile, bengizoba nabo. Ngilapha nani ngoba ngizikhomba kanye nani.

258 Kodwa ungazami ukushiya ngokukhula imingcele yakho manje, ube yinto ongesiyo. Ungazami ukuzenza othize omkhulu, uziqhathanise nomunye umuntu, futhi usebenze imfundiso yezwe ethile phakathi lapho, ukuthola amalungu amaningi

nezinto. Into izokwephuka ithwaxuleke ngqo kabili, futhi uNkulunkulu uyokulahlela enqumbini ngaleya, ukuba kuphinde kubunjwe.

259 Uyovusa abantwana balawa amanye amatshe, ku-Abrahama. Kunjalo. Uzokwenza. Uzothatha iPresbyterian, akhiphe okuthile kulo; iMethodisti, noma iBaptisti. Futhi kubukeka sengathi Uqale ngaleyondlela.

260 Niyangizwa, Business Men na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngoba nje sithwele igama le "Pentekoste," lokho akusho lutho kuNkulunkulu. Qhabo, mnumzane.

261 IPhentekoste akuyona inhlangano. IPhentekoste isehlakalo. Kungukubonakalisa kukaKristu, lapho aqala khona ngoSuku lwePhentekoste, ukuzibonakalisa Yena uqobo ngabantu.

262 Bese kuthi-ke abantu baqale ukwengeza okwezwe. Kwenzekani na? Bangena eMkhandlwini waseNayisiya, futhi—futhi bazenqaba izethembiso ezisobala zikaNkulunkulu, futhi bafaka imfundiso engaphikiswa kuso. Futhi lephula isehlakalo somKristu sonke saba yizicucu, futhi lasuka lahamba langena ebuKatolikeni.

263 ULuther waqala inguquko. Futhi waqhubekela phambili, futhi kwaphinda kwephula into.

264 AmaMethodisti afika nokungcweliswa. Futhi waqala ukuqhubekela phambili, futhi wenza into efanayo.

265 Futhi amaPentecostal enza yona kanye into efanayo. O! Awu, wena uyakubuka, ungakubona.

266 "Wenza kanjani," uthi, "uzazi kanjani lezozinto na?" Awu, ake ngikutshele okuthile.

"Mfowethu Branham, ngabe uyaprofetha na?"

267 Angiprofethi ncamashi. Kepha uma udokotela ehlola isiguli, ubona izimpawu, uyazi ukuthi kuzokwenzekani. Ngikufunda kuphuma eNcwadini kaDokotela. Futhi ngibona izimpawu zisebenza ebandleni lePentecostal, futhi ngiyazi lapho libheke khona.

268 Kuyeke. Yeka. Buyela emuva. UNkulunkulu akusize. Ningahambi ngaleyondlela, bantu. Aniboni ukuthi ngizama ukwenzani na? Ngishisa impilo yami, ukuzama ukunisindisa kulento engasile enigijimela kuyo. Usuku nosuku, unyaka nonyaka, ngiyamemeza ngokwami. Futhi ucabanga ukuthi ngiyisitha sakho. Ngingumfowenu. Buya. Ungahambi ngaleyondlela. Awuboni ukuthi kwenzekeni lapho abanye behamba ngaleyondlela na?

269 Business Men, suka kulowo mzila. Manje nibhala zonke izinhlobo zezivumokholo phezulu kumaphephabhuku enu, futhi lokho kuyanihlanganisa kakhulu nje njengehlelo kakhulu njengabo bonke abanye. Wena uyazi lokho nje kunjalo.

Anikuboni na? Ungena ngqo entweni obukade umelene nayo. Manje, angeke ungithande, mhlawumbe. Phakade, lelo yiqiniso. Makani phansi izwi lami. Phendukani, kungenjalo anisekho.

270 Pentecost, phenduka, kungenjalo awusekho. Buyela eZwini. Isikhathi sesihambile kunoma ucabanga.

271 UNkulunkulu ufuna ukubonakalisa, hhayi amalungu, kodwa amatshe angoqobo apholishiwe futhi abunjwa futhi alolongwa. Bhekisisani. IGoldsmith imile kulobubusuku, ilungele ukukhipha konke ukungabaza kwamanyela, konke okumelene nawe. Futhi ngo... Yena ulapha, ulungele ukunibumba futhi anilolonge nibe ngamakholwa, esusa konke ukungabaza kusuke kini.

272 Hambisanani, nibone abazifanisa nabanye abaningi beza, bethi, "*Lokhu*, futhi, udumo kuNkulunkulu, ngina*lokhu*. Futhi, haleluya, ngina*lokhu*." Futhi uthola ukuthi, abanalutho. Futhi udeveli wakwenza lokho, ukuvusa ukungabaza enhliziyweni yakho. Niyabo? Wakwenza lokho, ngenhloso, ukwenza lokho. Kodwa khumbulani, lokho kusho into eyodwa kuphela, ukuthi, kukhona owangoqobo lowo ozifanisa nomunye azama ukuziphatha njengaye.

273 Kukhona uMoya oNgcwele wangoqobo. Kukhona uMoya kaNkulunkulu wangoqobo. Kukhona amandla angoqobo kaNkulunkulu. Kukhona iNdodana kaNkulunkulu ezibonakalisayo qobo lwaYo kulobusuku njengoMoya oNgcwele, ukukhombisa ukuPhila kwaKhe. Imile lapha kulobubusuku phakathi kwenu, esimweni sikaMoya oNgcwele; ukugqula onke amanyela aphume kuwe, ukungabaza; nokubonakalisa kuwe, ukuvuka kwaYo, ukuthi Ayifile. Futhi Ilapha ukukukhombisa ukuthi Iyaphila, onguye izolo, namuhla, naphakade. Ilapha ukuze izikhombe Yona uqobo kanye nathi. Besingafanele yini-ke ukuzikhomba qobo lwethu kanye naYe, ukukholwa iZwi laKhe nokuLithatha na?

274 Asikhuleke. [Umfowethu uyaprofetha ebandleni—Umhl.] Udumo. Amen. Amen. O! Amen.

275 O Nkosi Nkulunkulu, siKubonga kanjani, Nkosi! Siyatshelwa emBhalweni, ukuthi ngenkathi uDavide... ngenkathi isitha sasingena! Futhi babuthana ndawonye, futhi uDavide wayezama ukubatshela ngoNkulunkulu. Nakho kumi oyedwa phakathi kwabo, futhi waprofetha futhi wabatshela ukuthi abenzeni, nokuthi ungasihlula kanjani isitha. Qiniso, Nkosi, sikholwa yileyonto efanayo. UMoya kaNkulunkulu uwela phakathi kwethu. Futhi iZwi liyindawo yokwehlula isitha.

276 Yilokho Owakunika u-Adamu no-Eva, ensimini yase-Edene, ukwehlula isitha. Futhi lapho u-Eva wayedlinze ngaLo, futhi waveza imizindlo ngeZwi, lawa lahlakazeka, nesono sangena.

277 Qiniso, Nkosi, lokho kube ngukuwa kwabantu, kuyo yonke iminyaka, ukuzama ukujovela okuthile ngeZwi. USara wazama

into efanayo, ukujovela okuthile, ukungenisa uHagari, ukuletha umntwana, kodwa kwawa bhu phansi. Njalo, bekulokhu kungaleyondlela, Baba. Si—sifuna iZwi laKho nje, futhi lelo kuphela; akukho lutho olwenezelwe kuLo, noma olususiwe kuLo, indlela nje eLiyiyo. Futhi Wena uyileliZwi. Futhi siyabonga ngalokho.

278 Busisa abantu lapha, Nkosi. Enginabo manje, kulobu, ubusuku nobusuku, ngizamile ukusho lezizinto, ukuthi ukuFika kwaKho—kwaKho—kwaKho sekuseduze. Yonke into ilolongekela ngaleyondlela.

279 Futhi kusukela e—embonweni, emavikini ambalwa edlule, ungithumele lapha e-Arizona. Angazi ukuthi kungani. Mhlawumbe ukuya kwaMi eKhaya. Angazi. Ku—kubukeka kakhulu ngaleyondlela.

280 Kodwa, Nkosi, mangiqede ibanga lami nge. . .futhi ngibambe ukuKholwa, ngigcine izingubo zami zingenabala, Nkosi, ngomusa kaKristu. Mangikwazi ukuma ngalolosuku, futhi ngithi, "Nginitshele lonke iCebo likaNkulunkulu, njengoba ngiLazi ukuthi liyiQiniso, futhi angigwemanga ukungasho lutho." Siphe khona.

281 Kwangathi abazalwane bami, Nkosi, ngokunjalo, bangajoyinana ndawonye bese beyasondela kakhudlwana, futhi bazi ukuthi lemiyalo a—ayisikho ukusola, kodwa yisexwayiso, noqapha impambanamgwaqo. Siphe khona, Baba. Njengoba nje kushiwo nje kithi, ukuthi, Yena uzosehlulela ngaleloZwi loMlayezo. Nkulunkulu, mangizibuke, futhi, nginamahloni ngakho, Nkosi, esibukweni seZwi likaNkulunkulu.

282 Ngiyalwa, "Futhi ngokwethembeka, ngiqinisa ukulwela ukuKholwa okwakhululwa kwaba kanye kwabangcwele," njengoba uJuda asho ukuthi sifanele sikwenze. Futhi sithenjisiwe, ukuthi, "Ezinsukwini zokugcina, lokhu kuKholwa kobaba kuyobuyiselwa futhi, ekuKholweni kwepentekoste kwasekuqaleni." Wena wakwethembisa, kuMalaki 4. Wathi kuyokwenzeka. Futhi, Baba, kwangathi singabuka, futhi amehlo ethu—ethu evuleke kakhulu, futhi singakugeji, njengaseminyakeni ababehlala bekwenza. Kodwa sengathi amehlo ethu angavuleka, ukubona uJesu Kristu njengoba Ebonakalisiwe enkazimulweni yaKhe phakathi kwabantu baKhe abathobekile, ukukhipha abantu, baphumw kulaba abeZizwe, ngenxa yeGama laKhe. Siphe khona, Nkosi.

283 Busisa lelibandla manje. Ngikhulume kade. Nkosi, angeke ngixolise (ngoba, ngizizwele ukuthi angikusho engikwenzile), ukubabamba isikhathi eside. Kodwa ngiyaKubonga ngabesilisa nabesifazane, namhlanje, okwa—okwazile ukuma, futhi bazotsheka, futhi—futhi bazame ukubamba izinyawo zabo—zabo kwiphansi, futhi balalele uMlayezo. NgiyaKubonga ngamabandla anjena, ayovula umnyango bese ethi, "Ngena.

Sifundise. Noma, shumayela kanye nathi. Sisize." Nkulunkulu, ngiyaKubonga ngalaba.

284 Futhi ngiyaKubonga ngomthombo osogwadule, futhi, ngezwe lebhizinisi, leBusiness Men. Nkosi, kwangathi izingubo zabo zingahlala zingenachashazi elivela ezintweni zezwe. Siphe khona. Yenza indawo esindisa umphefumulo, Nkosi, ukuthi—ukuthi mhlawumbe, ndawana-thize abantu angeke baye esontweni, bazohamba beyozwa abantu abangosomabhizinisi bekhuluma. Futhi kwangathi impilo yabo—yabo ingaba ngusawoti kakhulu ngomusa kaNkulunkulu, nokuzithoba koMoya waKhe, ukuthi—ukuthi izwe lizolangazelela kakhulu ukuba yilolohlobo lwabantu. Siphe khona, Nkosi. Sibusise manje, ndawonye.

285 Nkosi, sithethelele ngamaphutha ethu. Sithethelele izono zethu, futhi makuthi imigudu yezinhliziyo zethu ivuleke. Sengathi iNkosi yaseNkazimulweni ingagibela phakathi kwethu manje, uma sifumene umusa ebusweni baKho, ngokuphenduka ephutheni lethu. Akukho kungabaza, inhliziyo yami iphendukile, eziningi ezinye izinhliziyo seziphendukile. Futhi uma sifumene umusa, Nkosi. Sibumbe manje.

286 Hlanza amathempeli ethu, ukuze iZwi likaNkulunkulu ophilayo lingahle lihlale phakathi kwethu futhi lifakazele ukuthi uJesu Kristu akafile. Akasuye umsunguli ofile njengoMahamedi, noma—noma uBuda, noma owezinye izinkoloze. Uyaphila, inkathi yamanje, uJesu ovukile. "Uyaphila njalo njalo, futhi angeke aphinde afe," futhi usinike ukuPhila okuPhakade, futhi uzilethile qobo lwaKhe phakathi kwethu. Futhi thina, Nkosi, sibonakalisa umusa waKhe kwabanye.

287 Sisize, Baba njengoba Wethembisa ezinsukwini zokugcina lokho okuyokwenzeka, njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaLoti. Kwangathi thina, njengalabo ababevela e-Emawuse, singaya emakhaya kulobubusuku, sijabula, ngoba siKubonile wenza okuthile njengoba beKubonile ukwenza emva kokuba Usuvukile kwabafile; siyazi ukuthi kwakuyinto efanayo Owayenza ngaphambi kokuba Ufe, khona-ke bazi ukuthi Uvukile. Siphe khona, Baba. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

288 Manje, manje, ngi—ngikhulume kade. Kodwa, lokhu, angazi ukuthi Ubezokwenza lokhu. Angazi ukuthi Uzokwenza. NgizoMcela nje kuphela. Ngiyakholwa, uma ngibeka impilo yami lapha uku. . . esigxotsheni, ukuma ngakuleliZwi, khona-ke, ngolwazi lwami olwedlula konke.

289 Angisuye ongenasono. Nginokuningi okulenga kimi. Kodwa, njalo ngehora ngiyasivuma, njalo njalo. Lapho ngibona iphutha lami, khona-ke ngiyaphenduka kulokho, futhi ngizame ukwenza okulungile. Bengingeke ngizame ukuya eZulwini ngokufaneleka kwami. Bengingeke ngifike lapho. Ngithemba ngesizotha kuJesu Kristu. Uyithemba lami. Ngi—ngi—ngiyakholelwa

kuYe. Bengingeke ngizame ukungena ngoba ngingumfowenu oyiPentecostal. Bengi—ngingeke ngingene ngokufaneleka kwePentekoste. Ngingena ngokufanelela kweGazi likaJesu Kristu. Wangifela.

290 Futhi yilokho engifuna nikwethembe, ukufaneleka kwaKhe. Futhi khona-ke wazi kanjani ukuthi ufika lapho na? Kungenkathi, lonke iZwi, nguwe uLigcizelela ngo "amen, amen." Ngoba, LiyiZwi uqobo lwaLo lizama ukuziqinisekisa qobo lwaLo. Futhi uma siliphika leloZwi, Lingaziqinisekisa kanjani qobo lwaLo na?

291 Manje, uJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo naye uyakuyenza." Ngabe kunjalo na? Futhi khona-ke Wathini kuJohane 5:19 na? "Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, iNdodana ayinakwenza lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza."

292 Wadabula echibini laseBethesda. Lapho kwakulele izixuku zabantu, mhlawumbe okuphindwe ngamashumi amabili noma ngamashumi amathathu alowo olapha kulesisahiwo kulobubusuku. Kukhona abane noma abantu abangamakhulu amahlanu, mhlawumbe, abahlezi lapha kulobubusuku. Angazi, kodwa kungahle kube nabaningi kangako. Kodwa mhlawumbe kunezinkulungwane. Ngiyaqonda ukuthi "isixuku" singakhuphukela ezinkulungwaneni. Manje, belele lapho, nezishosha, izinyonga, izimpumputhe, abashwabeneyo, Waphilisa indoda eyodwa, ngoba Wayazi ukuthi leyondoda yayikade ingaleyondlela. UBaba wayeMkhombisile. Niyabo? Wabashiya bonke. Niyabo? Futhi khona-ke Wabuzwa lokho.

293 Kodwa iBhayibheli lasho, emva kokufa kwaKhe, nokumbelwa, nokuvuka, ukuthi, kulobubusuku, "UngumPristi oMkhulu." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi Usaphila. ["Amen."] Futhi ngabe Unguye umPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwelana kobuthakathaka bethu na? ["Amen."] Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, ngokwamaHeberu 13:8, khona-ke Ubezokwenza ngendlela efanayo. Ngabe kunjalo na? ["Amen."]

294 Manje masihlanze izinhliziyo zethu kuso sonke isono. Sengathi singavuma iphutha lethu. Sengathi singavuma ukungakholwa kwethu, ukuthi kade sinephutha, futhi sithi, "Nkosi Jesu, ngilapha. Ngiyadinga, kulobubusuku. Zibonakalise Wena uqobo empilweni yami. Ngiphe ukukholwa lowo owesifazane ayenakho, okwathinta ingubo yaKho."

295 Futhi ngizothi, "Nkosi Jesu, ngimile ngaseZwini laKho." Lokho bekungukuthunywa kwami, "Shumayela iZwi." Ngime ngakuLo. Ngi—ngifuna ukufa ngakuLo. Futhi ngi—ngimile ngenza izinto ezinzima, ngenxa yeZwi, futhi ngahlala lapho, kodwa ULiqinisekisile njalo.

296 Manje ngethembele kuYe ukuqinisekisa leloZwi. Malijikijelwe. . . Makuthi Yena agobhoze edlule kithi kulobubusuku, njengoba sikhuleka.

297 Bangaki phakathi lapha ogulayo, abaswele, abadinga noma yini na? Phakamisani izandla zenu bese nithi, "Yimina, Nkosi. Ngiyakholwa, Nkosi."

298 Ngifuna ninginakisise, ngobumnandi nje eningakwenza, okwemizuzu embalwa.

299 Uma, emva kwaloMlayezo, noKristu uzozibonakalisa Yena uqobo kubantu, futhi abone ukuthi umphefumulo othile ozihluphekelayo unokukholwa okwenele ukuthinta ingubo yaKhe, futhi ngingazinikela eMoyeni waKhe, futhi ngazi ukuthi lona nguMoya oNgcwele! Khona-ke, uma ungowenye into ngaphandle kweqembu elikholwa yiLokhu, khona-ke ngizofika ngapho lapho bekholwa khona yiQiniso. Niyabo? Ngiyokwenza. Impela ngiyokwenza. Ngiyokholwa, ngoba uNkulunkulu uzenza Yena uqobo aziwe. Ungazikhombi manje nabaFarisi nalabo abangakholwa, labo abayizimpumputhe, ngoba uJesu wathi abasayikuMbona. "Kepha niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani. Ngiyakuba kini. Niyongibona Mina." Awu, uma Eyi lowomPristi oMkhulu ofanayo, yileyondlela eniyoMbona ngayo Yena, ngokuzibonakalisa Yena uqobo ngendlela efanayo Ayenza ngaleyonkathi. Ngabe lelo yiQiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

300 Manje, niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu. Yibani nokukholwa. Ningangabazi, nikhuleka, futhi khona-ke sizo—sizokubona Akusho. Manje, kholwani nje ngayo yonke inhliziyo yenu.

301 Manje, Baba Nkulunkulu, ngikhulume ngaWe nangeZwi laKho. Ngikwenzile ngendlela eyephukile, Nkosi, ngiyazi, kodwa kungokungcono ukwedlula konke engikwaziyo ukuthi kanjani. Onke lamaviki amabili, ngihlale naLo njalo njalo, Nkosi. Yonke impilo yami, ngizamile ukuhlala naLo. Manje, Nkosi, hlonipha iZwi laKho kulobubusuku lapha, njengoba imvuselelo ivala. Makwaziwe, Nkosi, ukuthi uma simele lokho okulungile, okulungile kuzosimela. Siphe khona, Nkosi. Ukuthi siyakholwa, ukuthi Uba yithina, ukuthatha isono sethu; ukuze sizoba nguWe, amadodana kaNkulunkulu, ukubonakalisa iZwi likaNkulunkulu, eliqinisekisiwe, elenziwe labonakaliswa ngempilo yethu yenkonzo Osinikeze yona. Siphe khona, Nkosi. Sizethula thina uqobo kuWe manje eGameni likaJesu Kristu. Amen.

302 Manje yibani nokukholwa nje. Ningangabazi, kodwa—kodwa kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu manje. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."— Umhl.] Wonke umuntu uyakholwa. Manje, ningangabazi. Khulekani nje, kinina uqobo. Yibani nokukholwa manje. Ningangabazi, nakancane. Zithobiseni

manje. Lalelani lokho uMoya akushoyo kini. Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

303 Yini lena ongibukela yona ngobuqotho kangako na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Angikwazi. Angikaze ngikubone, kodwa ngowesifazane nje ehlezi lapho engibuka. Akusikho ukugula ngempela akhathazeke ngakho. Ukhathazeke ngomunye umuntu. Yintombazane esencane. Ivele nje yalahleka. Ishiye ikhaya. Yintombazane nje, intombazane eseyitshitshi. Lokhu kwenzeke esikhathini eside. Kuze kube manje, angiboni ngozi ngayo. Yiba nokukholwa. Kholwa uNkulunkulu, Uzoyithumela ekhaya kuwe.

304 Uthinteni na? Manje, niyambona owesifazane. Angikaze ngimbone empilweni yami. Uyi, ngokuphelele, yisihambi.

305 Nanti inenekazi lihlezi emuva khona *lapha*, livale amehlo, likhuleka. Liphethwe yi—yinkathazo yomtshazo, futhi yimizoko. Liphethwe yinkathazo yenhliziyo. Lizokugeja. Nkulunkulu, sisize. Miss Willingham, kholwa yiNkosini uJesu Kristu. Manje uyakwemukela.

306 Manje buza owesifazane. Siyizihambi ngokuphelele. Wena uthi, "Ubize igama lakhe."

307 Ngani, uJesu akamtshelanga uSimoni, "Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJona." Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu. Uyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

308 Manje yibani qotho. Kholwani. Ningangabazi. Bekani umqondo wenu kuNkulunkulu, futhi—futhi niMkholwe.

309 Wenzani na? Uyazikhomba Yena uqobo. Uyazibonakalisa Yena uqobo. Manje, uma ungacabangi ukuthi kulungile, ngiyakucela woza epulpiti futhi wenze into efanayo.

310 Kukhona o—owesifazane omncane. Uhlezi emuva lapha netshali phezulu kwekhanda lakhe. UngowaseSpain. Futhi ukhulekela indodakazi. Leyo ndodakazi ayihlali lapha. Manje ubeka izandla zakhe ebusweni bakhe. Futhi u . . . Le ndodakazi ihlala lapho kunamanzi amaningi khona, lapho khona kuduma ulwandle, eSan Diego, eCalifornia. Futhi unemithambo eyimiqhansa nezifo ezelakanyanayo, futhi usondele impela ukuba nokuguliswa yimizwa. Uyakholwa ukuthi umkhuleko wakho khona-ke uthinte umphetho wengubo yaKhe, dadewethu omncane waseSpain, nokuthi indodakazi yakho izosinda na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho futhi ukwemukele. Kulungile, ungaba nakho. Kuyacaca lapho ngakuwe manje. Ungangabazi. Kholwa.

311 Lokho bekushaqisa kuwe, bekungenjalo, nenekazi, elihlezi lapho na? Obeke isandla sakho phezulu ekhaleni lakho, wase-ke usula ubuso bakho; usho okuthile ngapesheya ezikhaleni zezihlalo; ofake ijazi eliluhlaza sasibhakabhaka, uhlezi lapho.

Yebo. Kulungile. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, khona-ke leyo nhliziyo izoqonda futhi angeke uphinde ube nenkathazo yenhliziyo obukade uphethwe yiyo. Uma kunjalo, yima ngezinyawo zakho, ufakaze nje ukuthi lokho yiqiniso. Ngiyisihambi enenekazini. Amen. Uyakholwa na? Impela. E-hhe. Kholwa njalo.

312 Ngiyabona, futhi njalo indoda ephakathi nendima yempilo. Uyakubona lokho kuKhanya, umbala ophuzi, ulengela khona lapho, udonsela ngqo phezu kwalowomfo na? Manje uyakhuleka. Ubhekise ikhanda lakhe phansi. Futhi kunokuthile okusanda kushiwo, okuhehe ukunaka kwakhe ekukhulekeni. Isizathu, ungowaseCalifornia, naye, njengoba kushiwo. Kodwa ungowaseFresno, eCalifornia. Uphethwe yisifuba somoya. Mnu. Korol, uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungabuyela ekhaya futhi uphiliswe, nawe. Amen. Kukholwe manje. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngabe siyizihambi na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile.

313 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ithinteni leyondoda na? Ithinte uJesu Kristu. Iqhele ngamafidi angamashumi amathathu ukusuka kimi.

314 Nginiphonsela inselele, eGameni likaJesu Kristu, ukukholwa ukuthi lo Mlayezo kaMoya oNgcwele kulolu izinsuku zokugcina uyavala emlandweni wezwe. Nginiphonsela inselelo ukuba nikholwe yilokho engi—ngiKufundisile kini kulobubusuku. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ungithumile. Kuhlonipheni. Futhi manje, ningahloniphi mina, kodwa hloniphani lokho Angithumelele khona, iZwi laKhe, futhi uNkulunkulu uzonipha sona, isicelo senu. Angeke ngiMenze akwenze, kodwa uma uzokholwa.

315 Lapha, bukani lapha. Anikuboni Lokho na? Bukani lapha, lokho kuKhanya khona *lapha*. Kuphezu ngqo kwalona wesifazane omkhulu ohlezi lapha. Angimazi owesifazane. Angikaze ngimbone empilweni yami, kodwa yena uyagula. Yena uyagula. Kade ekudokotela, futhi, okuthize, ukuhlolwa kukhombisile ukuthi kusenanzini. Kuthi akube uhlobo olufana nezilonda. Qhabo, udokotela uthi yizilonda ezisenanzini. Kunjalo. Kunjalo. Awusuye owalapha. Ulapha ngokuvakasha. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. UngowaseMichigan. Kunjalo. Ulapha uzokuvakashela indodana, futhi isebhizinisini lohlobo oluthile lomsakazo wohlobo oluthile. Igama lakho unguNkk. Erb. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Iya ekhaya futhi ukuthole ngendlela ofuna ngayo, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

316 Niyakholwa na? Nikulungele ukuba amanyela okungakholwa ashaywe aphume kini na? Niyakholwa yini ukuthi ningabona uKristu ezibonakalisa Yena uqobo, onguye izolo, namuhla, naphakade na? UnguNkulunkulu.

Niyakukholwa lokho na? Thanini, "amen" uma nikukholwa. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

317 Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Ngizonikhombisa iZwi laKhe, uma ningamakholwa. Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayakusinda." Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye manje.

318 Valani amehlo enu. Khothamisani ikhanda lenu. Khulekelanani. Khulekani. Akusimina. Khulekani. UKristu, phandle phakathi kwenu phandle lapho!

319 Baba waseZulwini, eGameni leNkosi uJesu, kwangathi uKristu angabonakaliswa kuyo yonke impilo lapha kulobubusuku. Futhi phulukisa abagulayo, Nkosi. Sikhipha bonke odeveli bokungakholwa, ukuze iBandla lepentekoste lingahle libone ukubonakaliswa kukaJesu Kristu empilweni yabo, njengoba bekubonile kulobubusuku.

*INKOMBA* ZUL63-0123
(Identification)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngoJanuwari 23, 1963, eFirst Assembly Of God ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

